# *Ngabe uNkulunkulu Uyawuguqula yini Umqondo waKhe na?*

. . . Nkulunkulu. Asibe silokhu simile namakhanda ethu ekhotheme, umzuzwana nje.

Baba waseZulwini, siyaKubonga ngayo yonke into enomusa Osiphe yona. Asizifanele noma yi—yiziphi zezibusiso zaKho. Lezi ngempela yizibusiso ezingafanele esizemukelayo. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoqhubeka ube nathi. Nje ngingena futhi ngizwa lomoya omangalisayo emhlanganweni, ngiyazi uvela kuWe. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoqhubeka nokuhlonipha umhlangano kulobubusuku, ngoBukhona baKho, futhi uphilise bonke abagulayo nabahluphekile. Siphe khona. Kwangathi lobu bungaba ngu—ngubusuku obukhulu esingezukubukhohlwa masinya, ngenxa yoBukhona baKho. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

2 Ngifuna ukuxolisa ngokuhlalisana kuze kube leyithi kakhulu izolo kusihlwa. Ngizozama ukusheshisa kakhulu kulobubusuku, futhi ukuze nje sikwazi ukusheshisa futhi—futhi sikhulekele abagulayo. Impela ngizizwe ngikahle ngomhlangano wayizolo ebusuku. Babonakale sengathi bekunabantu abaningi abaphilisiwe. Futhi benginenqwaba yokwesekelwa, wonk'umuntu ekhuleka, futhi sindawonye. Yileyondlela esimi ngayo. Ngakho, iNkosi inibusise. Manje, ngiyacabanga, kusasa ebusuku sizo . . . ngiqagele sebevele bakumemezele. Ngenye—ngenye indawo. Kulungile.

3 Manje asiphenye eNcwadini kaNumeri, isahluko 22, ngokushesha impela, okwendikimba encane nje, ukwedlulisa iziphawulo ezimbalwa, futhi sizobe-ke sesibeka esiningi kakhulu sesikhathi emgqeni womkhuleko.

4 UBilly uthe unikezele ngenani eliningi kakhulu lamakhadi, amakhulu amabili noma amathathu awo. Futhi kuzothatha isikhashana impela ukubafaka emgqeni womkhuleko, ngakho ngi—ngizovele nje ngikhulume imizuzu embalwa, kungabi ngaphezu kwemizuzu engamashumi amathathu, uma kungenzeka, bese kuthi-ke ngiqale umugqa womkhuleko, ngikhulekele abagulayo. KuDuteronomi, ku . . . Ngiyaxolisa.

5 UNumeri, isahluko 22 nevesi 31, ngifisa ukufunda lokhu.

*NeNkosi yase ivula-ke amehlo kaBalami, wayibona ingelosi yeNkosi imi endleleni, inenkemba yayo ehoshiweyo esandleni sayo: wagoba ikhanda, wawa ngobuso bakhe.*

6 Manje lokhu kungezwakala kufana nendikimba el'hlaza kancane ukuba nje ku—kunikezwe ukuma nokuba nenkonzo yethu yokuphilisa. Futhi ngizozama ukuba nomugqa womkhuleko uqalwe ngelesishiyagalolunye nqo, uma kunokwenzeka. Manje ngifuna ukuthatha indaba kulobubusuku: *Ngabe uNkulunkulu Uyawuguqula yini Umqondo waKhe na?*

7 Niyazi, singawuguqula umqondo wethu, futhi ngoba si—sifunda okwehlukile kancane, siyazi sasinephutha.

8 Kodwa angikholwa ukuthi uNkulunkulu angawuguqula umqondo waKhe. Ngoba, uma Ekwenza, khona-ke ngempela Ubengebe ngongenasiphelo, futhi Ubengenza isinqumo esingcono ukuba Ubengasiguqula. Ngakho U . . . Ukukholwa enginakho kuYe, ukuthi—ukuthi Akawuguquli umqondo waKhe. Ngoba uma uNkulunkulu eke waze wenza isinqumo, Uzohlala nalesosinqumo. Niyabo? Futhi njalo uma kuqubuka inkinga efanayo, Uzofanele enze ngendlela efanayo Ayenza esikhathini sokuqala, kungenjalo Wenza ngokungesikho esikhathini sokuqala. Niyabo? Ngakho kusinika ndawondawo ukuba sibe no—nokukholwa okuyisisekelo. Manje singeke . . .

9 Yebo, ukukholwa akusiyo nje into ethize eyicembe elingabambelele ndawo, ongayibhenguzisa *lapha* nangale kwenye indawo. Kuyinto ezofanele iqiniseke. Kuzofanele kugxile. Futhi, manje, ngeke ngesekela ukukholwa kwami phezu kwesichasiselo esithize esibonwa ngokucabanga nje. Kuzofanele kube yiqiniso elifakazelwe ngaphambi kokuba ngibe nokukholwa.

10 Njengendoda nje ikhetha umfazi, ukuba bashade. Ngani, yona, izofanele ibe nokukholwa kulowo wesifazane eshada naye, noma impela izilungiselela inqwaba yenkathazo. Niyabo? Ngakho izofanele, ufanele ube nokukholwa, amaqiniso athize aqinile, ukukholwa okuthize ukwesekela phezu kwakho; phezu kwezwi lakhe, phezu kwalokho okushiwo omuny'umuntu, noma into ethize. Izofanele ibe nento ethize ukubeka ukukholwa kwayo kuyo, ukukholwa kukho.

11 Ngakho ngiyakuzwa lokho, ukuhlangabezana noNkulunkulu, kunento eyodwa nje engingasekela ukukholwa kwami phezu kwayo naleyo yiZwi laKhe.

12 Ngoba, sinemibono ehlukene, cishe impela sonke. Siyaye sihlale phansi futhi siye ngisho ekukhulumeni ngento esizoyidla, ngani, siyohluka entweni ethize esizoyidla; futhi senziwe sehluka, ukuthanda kwethu izinhlobo zokudla kwehlukile. Futhi ngakho-ke kwenza amabandla ethu, siyawabona

ehlukile emibonweni yawo yokuthi yini elungile nokuthi yini engalungile. Lokho kusinika, sonke, inhlanhla yokuzikhethela.

13 Kodwa, kimi, ngi—ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Futhi a—angikholwa ukuthi lihunyushwa ngasese. Ngikholwa ukuthi nje liyilokho nje Elikushoyo, lelo yiQiniso. Futhi yileyondlela engikuthatha ngayo, ezisekelweni nje zaLo liyiZwi likaNkulunkulu. Manje, anginakho ukukholwa ngokwenele, mhlawumpe, ukukwenza konke kusebenze, kodwa ngempela ngingethande ukuma endleleni yomuny'umuntu obenokukholwa okwenele ukuKwenza kusebenze.

14 Njenga, isibonelo nje, uEnoke wayenokukholwa okwenele ukuthi akadingekanga ukuba afe. Wavele nje wayozishayelwa umoya wantambama, wayesekhathala lapha emhlabeni wayesevele nje ehamba enyukela eZulwini. Bengingathanda ngempela ukuba nokukholwa okunjalo. Kodwa ngithemba ukuthi siyakuthola lokho kukholwa suku lumbe, lapho siqhubeka sikhula kuYe. Manje okwethu . . .

15 Isizathu ngikhethe lendawo, ngoba kubonakala sengathi lapha, kimi, ngenye yezindawo eBhayibhelini ebingaba yi—yindawo ebucayi yendikimba kulobubusuku, ngoba kubukeka sengathi uNkulunkulu wawuguqula umqondo waKhe, wayesetshela uBalami into eyodwa ukuba ayenze wayese-ke emtshela enye into ukuba ayenze. Ngakho ngicabangile, mhlawumbe, okwesikhashana nje, sizozama ukuqondisa lokhu kancane nje, bese sibona ukuthi ngempela Wamtshelani.

16 Ngakho manje ukubeka izihloko zalokhu. Siyazi ukuthi uBalami wayengu—ngu—ngumprofethi. NoBalaki wayeyinkosi yakwaMowabi, ngesikhathi. Futhi babengesibo abaphikinkolo, enhla kwaMowabi, babekhonza uNkulunkulu ofanayo uIsrayeli ayemkhonza. Ngoba, uMowabi, isizwe sasungulwa yindodana kaLoti, ngendodakazi yakhe, futhi ngakho babekhonza uNkulunkulu ofanayo. Uma niqaphela, imihlatshelo yabo nayo yonke into yayifana nje ncamashi, izinkabi, kanti futhi nezinqama, kukhuluma ngokuFika kwesibili. Futhi manje uma ukuqava kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, manje-ke uMowabi wayeqave impela nje emnikelweni wakhe njengalokho uIsrayeli ayeyikho. Kodwa siyabathola manje, uIsrayeli usemgqeni wokulandela iZwi likaNkulunkulu, ukuya ezweni elalethenjiswe bona. Futhi beza . . .

17 Lapha bekungaba ngumfanekiso wokwemvelo nokomoya, umhlangano. Futhi uma okwemvelo nokomoya kuhlangana, kuhlala njalo kunokushayisana, ngoba kugijima kungqubuzane ngqo ngamakhanda. NoIsrayeli lapha, ubengaba, ngifuna ukukumela njengeBandla likamoya; noMowabi njengebandla lemvelo, ibandla nje, esikubiza, ngebandla lemvelo.

18 Futhi sonke sinesiqiniseko ukuthi kune—nebandla, futhi kunoMlobokazi ephuma kulelobandla. Siyakwazi lokho, ukuthi lokho kuqinisile.

19 Futhi ayaxabana lapha. Futhi siyaqaphela ukuthi ngenkathi exabana lapha, kufika phansi kwento ethize engithanda ukukhuluma ngayo umzuzwana. Kwathi nje angaxabana, nelinye labona ukuthi elinye lalenzani, kwabakhona okukhulu ukuzifanisa, omunye womunye.

20 Futhi yilapho esikuthola khona namhlanje, ukuthi sithola okuningi kakhulu ukuzifanisa. Futhi uma wenza lokho, uhlala njalo usenkathazweni. Ungeke waphila impilo yomuny'umfo. Singeke sazifanisa nento ethize. Sifanele nje sibe yilokho esiyikho. Awufanele (neze) ukuba uzame. Uma *lo*mfo enza okuthize; ngoba uyakwenza, ucabanga ukuthi unakho, nawe. Awukwenzi lokho. Ungumuntu ngamunye, kuNkulunkulu. Futhi asifanele sizame ukuzifanisa omunye nomunye.

21 Futhi manje, uIsrayeli, khona impela emgqeni womsebenzi, bemasha endleleni yabo ekuyalweni, ngomyalo kaNkulunkulu, beya ezweni lesithembiso, baxabana noMowabi, elinye iqembu lamakholwa.

22 Futhi ngithemba ukuthi lokhu akuzwakali kabi kakhulu. Kodwa isiboniselo esincane engifuna ukusenza lapha ngukuthi, uMowabi ezinze ezweni, wayefana kakhulu nodaba oluhleliwe. Wayenezicukuthwane zakhe, nezikhulu zakhe zo. . . zombuso wakhe.

23 Kodwa uIsrayeli nje wayewu—wuzulane. Babengenandawo ethize abaya kuyo. Babezulazula nje njengoba iNkosi yayibahola. Manje, ngiyakholwa, futhi, uBalami, kamuva esiprofethweni sakhe, wathi, "Abantu babengeke babe phakathi kwezizwe. Wayezoba ngohlakazekile nje." Futhi bekuhlala njalo kuyilokho. Futhi siyathola, kufika ukuxabana.

24 Njengo Kayini no Abela nje, nabo futhi bahlangana ekuxabaneni. Nabo beyizelamani, futhi bobabili bengabomama ofanayo, uEva. Futhi sithola ukuthi baqonda ukuthi babengabafayo, futhi babekhishelwe ngaphandle kokuPhila, ngaphandle kwensimu yokuPhila. Futhi bobabili babezama ukuthola indlela yabo yokubuyela emuva phakathi Lapho. Futhi uma niqaphelile, bobabili abafana babekholwa impela. UKayini wayekholwa nje njengoba uAbela wayenjalo. Futhi bobabili bakha ama altare, ngokunye, ibandla. Bobabili benza umhlatshelo. Bobabili bakhuleka. Futhi ba—bakhonza uNkulunkulu, bobabili, kodwa omunye wabo waMkhonza ngokungesikho.

25 Manje, niyabo, ungaba qotho njalonjalo kodwa nokho ube nephutha. Ungaba nephutha. "Kukhona indlela ebukeka iyinhle, kodwa ukuphela kwayo yizindlela zokufa."

26 Manje si—siyabona ukuthi lokhu kwakuqinisile kakhulu ngoKayini noAbela. Futhi lapho sebebone . . . UKayini wabona ukuthi umhlatshelo ka Abela wemukelwa. Futhi, ngingahle ngime lapha ukuba ngisho ukuthi, kungani uNkulunkulu wemukela umhlatshelo wakhe na? Yingenxa yokuthi—kuthi waye . . . Ngesambulo, waqonda ukuthi kwakungesiwo ama apula, noma ngikholwa ukuthi manje sebethi amapomegranate noma into ethize abayidlayo ensimini yase Edene, eyabangela isono. Futhi wathola uAdamu . . . noma, ngiqonde ukuthi, uAbela wakholwa ukuthi ku (yena) kwakuyigazi. Okungukuthi, kwakuyilo ngempela. Futhi uAbela, ngesambulo, ukukholwa, wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kunalowo kaKayini; okungukuthi uNkulunkulu wafakaza ngakho, wayelungile. Niyabo? NeBandla lonke lakhelwe phezu kwesambulo sobuNkulunkulu seZwi likaNkulunkulu. Lonke . . .

27 UJesu washo njalo. Ngoluny'usuku, ehla evela entabeni, Wathi kubafundi baKhe, "Nithi Ngingubani iNdodana yomuntu na? Noma abantu uthi Ngingubani na?"

28 "Nabanye babo bathi, awu, Ungu 'Mose,' Ungu 'Eliyase,' noma 'omunye wabaprofethi.'"

Wathi, "Kepha nina nithi Ngingubani na?"

29 NoPetru wenza lesositatimende esikhulu, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo!"

30 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJonase." Futhi nansi impikiswano enkulu phakathi kwamakholwa.

31 Manje ibandla eliKatolika lithi, "Lapho Wa—Wakha iBandla laKhe phezu kukaPetru, ngokuba Wathi, 'Wena unguPetru,' itshe elincane, 'phezu kwalelitshe, itshe elincane, Ngiyakulakha iBandla laMi.'"

32 Awu, manje, iProtestane ikakhulu likholwa ukuthi lokho kwakuphezu kwaKhe uqobo Alakhela khona, phezu kwaKhe, iTshe legumbi. Kodwa, niyabo, wayeyiTshe legumbi esakhiweni. Ngikholwa ukuthi Akhela iBandla phezu kwakho . . .

33 Kungesikho ukwehluka, kodwa, niyabo, umbuzo wawuthi, "Umuntu uthi Ngingubani na?"

34 Futhi uPetru wathi, "Wena UnguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

35 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJonase, igazi nenyama akuzange kukwambulele lokhu. Awuzange ukufunde lokhu ngokuya ekholiji. Uyabo, awuzange ukufunde lokhu ngodaba oluthize olwenziwe ngumuntu. Kodwa uBaba waMi, oseZulwini, ukwambulele lokhu. Uyabo? Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidesi angeLehlule," isambulo sikaJesu Kristu sokomoya,

OyiZwi. Khona-ke kwakungaba yiQiniso leZwi elembulwe ngokomoya, yikhona impela lapho iBandla liphumule khona.

36 Ngicabanga ukuthi yilokho uAbela ayenakho ekuqaleni, isambulo sokomoya ukuthi kwakungesiso isithelo sasensimini noma imisebenzi yezandla zethu noma kanjalonjalo. Kwakuyigazi. Futhi wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kunoma—noma kwenza uKayini.

37 Sithola kuAbrahama noLoti, into efanayo, ekukhetheni, ngoba uLoti wehla, ngenkathi sekufika isikhathi, ngenkathi elokomoya ne—nebandla lemvelo efika ekuxabaneni, ngenxa yabelusi. Badingeka behlukane. Futhi nxa kwenzeka lokhu, kubeka umona.

38 Sithola ukuthi uAbela, ngoba uNkulunkulu wayememukelile, futhi Akawemukelanga umnikelo omkhulu omuhle kaKayini, wadingeka ashikashikeke kanzima kakhulu ngawo. Futhi wayenenkolo, futhi wakhothama wayesekhonza, kanjalonjalo, wenze yonke into eyenziwe nguAbela, kuphela wayengenaso isambulo salokho okwakuyiqiniso. Ngakho siyathola, ukuthi ngenkathi uNkulunkulu evuma isambulo sika Abela nomnikelo wakhe, kwenza uKayini waba nomona ngoAbela. Futhi kwaba lapho ukubulala ngamabomu kokuqala.

39 Sithola ukuthi umona uba phakathi kwabelusi baka Abrahama noLoti, futhi badingeka behlukane.

Sithola ukuthi uMose noKora babenokuxabana, futhi.

UJesu noJuda babenokuxabana.

40 Futhi njenganininini, bekuyinto efanayo, futhi kunjalo nanamuhla, ibandla lemvelo nebandla lokomoya linokuxabana uma ehlangana. Manje, elemvelo lizama ukumeshana nelikamoya, njalo linokuzifanisa ngokwenyama. Kodwa, njengoba kwakunjalo ngoEsawu noJakobe, akuyikusebenza.

41 UNkulunkulu uneBandla laKhe elibiziwe, elethiwe igama, labekwa eceleni. Futhi onyakeni Eliphila kuwo, Uyozembula Yena uqobo kuLo, njalo nje, njengoba Asho nje kwabaseRoma isahluko 8, ukuthi ukwaziphambili noma ukumisela ngaphambili kukaNkulunkulu kume kuqinisekile. UKayini, noma ngiqonde . . .

42 UEsawu noJakobe, ngaphambi kokuba noma yimuphi umfana azalwe, ngaphambi ngisho nokuba babe nethuba lokuzikhethela, uNkulunkulu wathi, "Ngiyamzonda uEsawu futhi ngiyamthanda uJakobe," ngokuba Wayekwazi okwakuphakathi kubo, kusukela ekuqaleni. Futhi siyazi . . .

43 Kugcineni lokho emqondweni, Uyazi ukuthi yini esenhliziyweni yakho. Uyazi ukuthi wena uqonde ukuthini. Akunandaba ukuthi sithini, Uyazi ukuthi uqonde ukuthini.

44 Futhi bekuhlala njalo kubanga inkathazo. Futhi ba, i . . . njalo, okwemvelo njalo kuzama, selokhu uKayini abhubhisa

uAbela, owemvelo ubezama njalo ukubhubhisa imiphumela yowokomoya. Sikuthola kuyinto efanayo namhlanje, yona into efanayo impela namhlanje. Kufakazisa ukuthi kuvela kuSathane, ngoba kungumona nokuzifanisa neQiniso.

45 Ngakho, sikholwa ngempela ukuthi uNkulunkulu akawuguquli neze umqondo waKhe ngalokho Akushilo. Uhlala njalo eKugcina kuqinisile.

46 Kodwa Unentando evumelayo. Manje, lapho, lapho inkathazo ilele khona. Sizama ukusebenza entandweni kaNkulunkulu evumelayo, futhi Uyoyivumela. Kodwa futhi uma sithatha intando yaKhe evumelayo, noma ingalungile, Uyokwenza intando yaKhe evumelayo isebenze, ndawonye, ukukhazimulisa intando yaKhe ephelele.

47 Ayikho into eyohamba kabi, ngoNkulunkulu. Si . . . Uyazi nje ukuthi iwashi lincencetha kuphi, kulobubusuku. Akukho okungalungile. Konke ukukhotha kushaya nje ncamashi ngendlela okufanele kube ngayo, yonke into. Sicabanga ukuthi akulungile, kodwa Uyazi ukuthi kukahle. Kufanele kube nje.

48 Njengasekuqaleni, uNkulunkulu nje wavumela isono ukuba sifike. Akazange, aka . . . Leyo kwakungesiyo intando yaKhe ephelele.

49 Kodwa, niyabo, uNkulunkulu, uMoya omkhulu, uBaba, kuYe kwakukhona izingxenye ezingehlukaniseki, nalezizinto enizibona zivezwa obala manje yizingxenye zaKhe nje ezingehlukaniseki zivezwa obala. Wayehlala yedwa, Wayengakabi suye ngisho noNkulunkulu; uNkulunkulu wayeyinto ekhonzwayo. WayeNgoPhakade oMkhulu. Futhi kuYe kwakukhona izingxenye ezingehlukaniseki, njengokuba nguBaba nje, ukuba nguMsindisi, ukuba nguMphilisi. Futhi manje, Wayengaba kanjani kuqala . . . Wadingeka abe nguBaba, ngoba kufakazisa ukuthi WayenguBaba, kodwa Uhlala yedwa. Yena yedwa unokungafi. Futhi, manje, kodwa izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki kuzofanele zivezwe obala.

50 Manje, ukuba nguMsindisi, kuzofanele kubekhona okulahlekayo. Futhi uNkulunkulu angeke ngenhloso alahlekelwe noma yini bese-ke eyihlenga. Bekungeke kufanele ebungcweleni baKhe nokwahlulela kwaKhe okukhulu. Kodwa Ubeka umuntu ekubeni ngozikhethelayo, azi ukuthi umuntu wayezowa. Futhi kulokho, manje-ke, Uba ngumuntu, qobo lwaKhe, ukuze ahlenge umuntu abuye owawayo. Yingalesosizathu uJesu wayenguEmanuweli. Uma uNkulunkulu athumela omunye umuntu ngaphandle kwaKhe uqobo, khona-ke lokho kwakungeke kulunge. UNkulunkulu kwakudingeka eze Yena uqobo bese ethatha indawo. Futhi uNkulunkulu ubengeke ehle ngoMoya ukuthatha indawo, Wadingeka enziwe inyama, enyameni yeNdodana yaKhe uQobo enokudala.

51 Futhi Wakhombisa lapha, ekuqaleni, ukuthi intando yaKhe ephelele kwakungukudala umuntu ngothuli lomhlabathi. Kodwa, niyabo, Wavumela ucansi ukuba lungeniswe. Akazange ahlose ukuba abantwana bazalwe ngocansi, kodwa kwavunyelwa, okuzothi masinya kushabalale.

52 Manje sithola ukuthi uMowabi wayeyivezandlebe, uku—ukuqala nje, ngoba kwakuyindodana kaLoti, ngendodakazi yakhe uqobo. Manje qaphelani, njengebandla lemvelo, uMowabi umel-. . . umele i—ibandla lemvelo, uMowabi wenzenjalo. Futhi uIsrayeli, ibandla lokomoya, manje, uIsrayeli, umlobokazi, wayeyi . . . umele ababizelwe ngaphandle.

53 IBandla uqobo lwaLo, igama elithi *ibandla* lisho ukuthi "obizelwe ngaphandle, phumani," labo abaphumile. "Phumani kulo, bantu baMi! Zahlukaniseni, isho iNkosi, futhi Ngiyakunemukela nibe kiMi uqobo. Ningathinti okungcolile kwabo." Ibandla likaNkulunkulu libizelwa ngaphandle kwezwe, ngaphandle kwenxushunxushu yezwe. Anisesibo abezwe.

54 Njengoba ngangizama ukusho, ngobuny'ubusuku, kini, kungenkathi senazi ukuthi ninokuqinisekile kokuhlengwa kwenu—kwenu kwaPhakade khona manje kini, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, usevele uniphilisile. Manje senivuke naYe, futhi sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, kuKristu Jesu. Niyabo, anisesibo abezwe. Uma nithanda izwe, nezifiso zenu ziselokhu zisezintweni zezwe, khona-ke uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini. Niyabo? Sivela, sikhululekile ezweni. Asisekho isifiso.

55 KumaHeberu, ngikholwa ukuthi isahluko 10, kwathi, "Kwakukhona njalo ukukhunjulwa kwesono, njalo iminyaka ngeminyaka, leyo imizimba yezilwane wawunikelwa. Kodwa kuloludaba, okhonzayo eseke wahlanjululwa kanye akasenalo uvalo ngesono, asisekho isifiso sokona." Yonke into isihambile kini, ngoba seniphilisiwe nangena ekuPhileni okusha.

56 Bese kuthi-ke ibandla lemvelo liyisigejane nje sabantu emahlelweni, abajoyinile. Akusekho . . . Angisalibizi ngisho nange "bandla." Angifuni ukubhekisela kulo. Ngithanda ukubhekisela kulo njenge "dlangala," idlangala leMethodisti, idlangala leBaptisti, idlangala lePentecostal.

57 Kodwa iBandla ngozelwe ngokusha okuKristu Jesu, leso yizidalwa ezintsha. Futhi ngakho sisalokhu sikubona lokho, ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe.

58 Manje uMowabi wabona, uMowabi wabuka phansi ephezulu endle wayesebona uNkulunkulu ehamba phakathi kwalababantu owayengesiso ngisho nesizwe esihleliwe. Babelokhu bentanta nje, besuka endaweni beya endaweni. Kodwa into eyisimanga, ukuthi, bafika phezu kwalezizizwe futhi bazithatha. Zonke izinto ezazisemgwaqeni wabo, bazithatha. Manje, bathola ukuthi, uMowabi ebuka phezu kwaso. UBalaki,

wasibukela phansi isizwe sakwaIsrayeli, wayesethi, "Abantu basibekela bonke ubuso bomhlaba." Wathi, "Base bekhotha izizwe, njengenkabi nje ikhotha utshani."

59 Futhi bathola ukuthi, elinye lamanothi amakhulu agqamile kwakungukuthi basithola kanjani lesisambulo esikhulu, kwakunomprofethi phakathi kwabo. Babenomprofethi, manje, omunye owabaholayo. Kwakungesiyo inqubo eyenziwe ngumuntu njengoba wayevamisile, izithunywa zakhe—zakhe zinaye, kanjalonjalo, kodwa khona nezikhulu zakhe. Kodwa babeno—nomholi, umholi obizwa ngomphilisi ngokukaNkulunkulu.

60 Futhi, o, kwakulusuku oludabukisa kabi, ngenkathi ibandla lezwe lalishiya ubuholi bobuNkulunkulu bukaMoya oNgcwele, lase lizithathela umbhishobhi kumbe noma yini enye ukuthatha indawo yaKhe. Kwakulusuku oludabukisayo. UMoya oNgcwele ungowokuba ngumholi webandla. Uthunyelwe ukuqinisa amaZwi kaJesu Kristu, ukwenza ibandla liphile njengoba laphila ekuqaleni.

61 Kungekudala, isikole esidume kakhulu lapha ku—kulelidolobha, ikholiji. Futhi banelilodwa ePhoenix. Nomunye wamadoda, noma izitshudeni ezingangezimbili, sasi, zehlela kimi zase zithi, "Siyakuthanda, Mfowethu Branham. Asinalutho esimelene ngalo nawe, nhlobo, kodwa sithanda nje ukukuqondisa."

62 Ngase ngithi, "Awu, impela ngifuna ukuqondiswa." Ngakho, futhi ngakho ngathi, "Uma nginephutha, impela angifuni ukuba nephutha; ngikhuluma kubantu abaningi kakhulu."

63 Wayesethi, "Awu, nansi inkathazo yakho." Wathi, "Uzama ukwethula, noma ukwenza iphile futhi, inkolo yabaphostoli. Kanti, inkolo yabaphostoli yaphela nabaphostoli."

Ngase ngithi, "Yebo, mnmzane." Ngathi, "Awu, manje uma . . . "

Wathi, "Manje, ngeke ngakuphikisana nawe."

64 Ngathi, "Ngeke nami. Asiphikisani. Asifanele ukwenza lokho. Singabazalwane."

Wayesethi, "Awu," wathi, "Ngithanda nje ukukusiza."

Ngathi, "Ngivuma impela ukuthola usizo."

Wayesethi, "Manje, uyabo," wathi, "manje i . . . lokho kuqinisile."

65 Ngase ngithi, "Manje, ekukhulumeni, asifanele sisebenzise izincwadi ezifundwayo." Ngathi, "Angeke ngiyisebenzise eyami," futhi ngangingenayo kodwa *Le*. Kodwa ngakho—ngakho ngathi, "Angeke ngiyisebenzise incwadi efundwayo, iBhayibheli nje. Futhi, wena, sisebenzisa iBhayibheli nje."

Wathi, "Kulungile."

66 Ngathi, "Manje, sikholwa ukuthi ibandla lababaphostoli liqala ngoSuku lwePhentekoste. Uyavumelana nalokho na?"

Wathi, "Yebo, ngiyavumelana."

67 Ngathi, "Manje siyaqonda ukuthi uNkulunkulu wanika ibandla amandla lapho, aleminyakazo yababaphostoli."

68 Wathi, "Yebo, lolo kwakuluhlaka lweBandla. Manje iBandla selivele libekwe ngokwenqubo, futhi sinabo bonke babelusi bethu, nezinhlangano zethu ezinkulu nezinto. Asisazidingi lezozinto, ukudonsa abantu."

69 Ngathi, "Manje likushophi iBhayibheli lokho na?" Ngathi, "Ngitshele ukuthi likushophi iBhayibheli lokho." Niyabo?

Wayesethi, "Awu, alikusho ngempela ngaleyondlela."

70 Ngathi, "Awu, manje-ke, ngeke ngakwemukela ngaphandle uma likusho nje ngaleyondlela, uyabo. Uyabo?" Ngathi, "Si . . . " Ngathi, "Yileyondlela okuzofanele kube ngayo." Ngathi, "Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usababiza abantu na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane."

71 Ngathi, "Manje uzokholwa ukuthi iBhayibheli liqinisile, yonke impendulo na?"

"Ya."

72 Ngathi, "Manje, isikhulumi ngoSuku lwePhentekoste, kwakunguPetru, owayenezihluthulelo kuwo uMbuso."

"Kunjalo."

73 Ngase ngithi, "Manje, noma ngabe sasiyini isinqumo sakhe, uJesu wathi, 'Okubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini; okukhulula emhlabeni, Ngiyakukukhulula eZulwini.'"

Wathi, "Ngizokukholwa lokho."

74 Ngathi, "Manje, eZenzweni isahluko 2 nevesi 38, uPetru washo kulabobantu ababemangala. Lababantu bekhuluma ngezilimi ezingaziwa. Futhi bambuza ukuthi babefanele benzeni ukuze basindiswe, wayesethi, 'Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele; ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.' Manje uma uNkulunkulu esabiza, lesosithembiso esifanayo singesabo."

75 Awu, uza ngapha futhi wayenelinye lamaqembu kaBilly Graham enhla lapha likhulekela umhlangano. Neqembu labo lalihlezi enhla lapha eCalifornia ndawo ndawo, emavikini ambalwa edlule, emkhulekweni oqotho ngempela ojulile, lazehlukanisela uNkulunkulu, lizila ukudla, noMoya oNgcwele wehlela kusosonke isigejane futhi siqala ukukhuluma ngezinye izilimi. Futhi . . . Ehhe.

76 Manje uyilunga le—lebandla iFriendly, iAssemblies of God eTucson, eArizona. Wathi, “O, Mfowethu Branham, ngenyukela lapho futhi ngizizwe ngikahle kakhulu!” Wathi, “Nje ngiphakamisele emuva izandla zami, futhi,” ngithi, “inkazimulo kaNkulunkulu! Ngiyacula nje!” Wayesethi, “Ngangingeke ngikwenze neze lokho ebandleni iNew Testament Baptisti.”

Ngathi, “Ngiyabona ukuthi ungeke. Yingakho uphandle.” Ya.

77 Ngakho nakho lapho okhona, niyabo, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Akushoyo, Uyokwenza. UNkulunkulu uzofanele aligcine iZwi laKhe.

78 Manje siyathola lapha, ukuthi, lokhu ukuzifanisa kwenyama uMowabi ayenakho. Wabona lomprofethi phakathi kukaIsrayeli, owayekwazi ukubusisa, aqalekise, ahole, kanjalonjalo, ngakho uzama ukumeshana nakho, ngezombusazwe.

79 Manje yilokho nje okwenzeke emabandleni namhlanje. Azame ukumeshana nakho ngolunye uhlobo lwenqubo. Ungeke wakwenza.

80 UMoya oNgcwele ufanele aphile eBandleni, njalo, ehola iBandla onyakeni Eliphila kuwo, ukuqinisa iZwi elithenjiselwe lowonyaka. UNkulunkulu wakhuluma iZwi, kusukela ekuqaleni, nokungaka kwa*lo*nyaka, nokungaka kwa*lowo*nyaka, nokuthize kwa*leyo*mnyaka. Kwenzeka njalo ngaleyondlela nje. Futhi, niyabo, noMoya oNgcwele ufanele aphile eBandleni, ukwenza leliBandla liphile usuku lwaLo. Lizofanele libe lapha namhlanje, ukuqinisa lenkonzo yosuku lwamuva, izibonakaliso zosuku lwamuva, ukuthululwa kosuku lwamuva kukaMoya oNgcwele. Uzofanele nje ube lapha ukwenza lokho, futhi ngeke wakuthola ngokusebenza kwezinqubo. UNkulunkulu unenqubo. NguYe Osipha uMoya oNgcwele.

81 Manje, siyaqaphela lapha ukuthi uMose wayeneNkosi, naleyoNkosi kwakunguNkulunkulu, owamgcoba. NoBalami naye wayephansi kwenkosi, uBalaki. Futhi kwakufana kakhulu nokuhleleka kwepolitiki, niyabo, uBalaki. UBalami, umprofethi kaNkulunkulu, waya kuBalaki eyofuna ulwazi lwakhe. UMose waya kuNkulunkulu eyofuna ulwazi lwakhe. Wawulapho umehluko.

82 Nokho, bobabili babengabaprofethi, ngoba bobabili babebizwe nguNkulunkulu; bobabili bahlangana noNkulunkulu, bobabili bakhuluma kuNkulunkulu, futhi bobabili begcwaliswe ngoMoya. Manje sengiza ekhaya, niyabo. Manje, bobabili babeyindoda egcwaliswe ngoMoya. Manje, lokho kuqinisile. IBhayibheli lasho ukuthi, “UNkulunkulu wahlangana noBalami futhi wakhuluma naye.” Niyabo?

83 Ngakho siyaqaphela, ngamunye walababaprofethi, bobabili bengabaprofethi, amadoda kaNkulunkulu, banaka ubunhloko

babo. UMose wanaka uNkulunkulu. NoBalami lapha wanaka uBalaki.

84 Qaphelani lapha, ekufanekiseni okokomoya nokwemvelo, ukuthi kwakuphelele kanjani. UMose, ethunywe nguNkulunkulu, esemgqeni womsebenzi, uhlangana futhi ucelwa inselelo enye indoda kaNkulunkulu. Ungathini nje entweni enjalo?

85 Kodwa bukani ukuthi kuhleleka kuni ababenakho enhla lapho. Kwakuyisizwe esihleliwe.

86 NoMose wayehola abantwana bakwaIsrayeli, njengoba nje uNkulunkulu wayebatshela ukuthi abaye kuphi, ebahola ngeNsika yoMlilo, noMuntu ongaphezu kwemvelo owayehola indlela. NoMose wayethola ulwazi lwakhe nge—ngeZwi-mcabango, kusobala, elaphuma kuNkulunkulu, leyoNsika yoMlilo; okwakuyiNgelosi yesiVumelwano, okwakunguKristu, OGcotshiweyo. Futhi wayethola umlayezo wakhe Lapho, futhi ewunika abantwana bakwaIsrayeli, emgwaqeni oya ezweni elithenjisiwe.

87 Kodwa lendoda yahlala yazinza ngakho konke, futhi yayinombuso wayo. Yayinamabandla ayo. Yayinayo yonke into khona lapho ihlelekile. Ngakho ithumela ngale ukuba ithole lendoda, ukuba ize neno nokuqalekisa lababantu. Futhi qaphelani, ningathini nje, lowomprofethi oyedwa, indoda eyodwa kaNkulunkulu ibona imisebenzi kaNkulunkulu nenye indoda, futhi izame uku—ukucela inselelo lowo imisebenzi kaNkulunkulu, ngenkathi yazi, yayifanele ukwazi kangcono. Manje uBalami, kuqala ngenkathi . . . UBalaki wathumela kuye wayesemtshela, "Woza ngapha futhi uqalekise lababantu." Manje uBalaki wenze yona impela into, noma . . .

88 UBalami, njalo, wenze into eyayilungile, wafuna uNkulunkulu. Wafuna uNkulunkulu, kuqala. Manje, yilokho ayefanele ngabe wakwenza.

89 Kwase kuthi-ke uNkulunkulu umnika eyaKhe ephelele, impendulo engunqamla-juqu, "Ungahambi naye! Bayeke kanjalo. Ungabaqalekisi labobantu. Babusisiwe." Manje, lokho kwakufanele kwenele. Nxa uNkulunkulu esho noma yini, Angekushintshe lokho. Qaphelani, intando yaKhe ephelele yayingukuthi, "Ungahambi! Ungabahlaseli labobantu. Bangabantu baMi." Leyo kwakuyintando yaKhe ephelele.

90 Kodwa uBalami wayengabathandi labobantu, kwase kuqaleni. Niyabo, nakho lapho okhona. Bangaki oBalami esinabo namhlanje? Into efanayo, into efanayo! Bazi kangcono.

91 Babenabo ngezinsuku zeNkosi yethu uJesu. UNikodemu uyafika wayesethi, "Rabi, siyazi ukuthi Wena ungumuntu othunywe evela kuNkulunkulu, noma u—noma umfundisi othunywe evela kuNkulunkulu. Akekho umuntu ongenza

izinto Ozenzayo uNkulunkulu engenaye." Niyabo, babekwazi. Kwakukhona uBalami futhi, niyabo.

92 Manje, uBalami wayengabathandi abantu. Qaphelani ikomkhulu lakhe. Emva kokuba bethumele amadoda akahle laphaya, ukumtshela, "Manje kunabanye abantu abakhuphuka phansi lapha. Futhi ngiyaqonda ukuthi ungumprofethi, ungumuntu omkhulu, ngakho yenyukela lapha bese uqalekisa lababantu."

93 UBalami wathi, "Manje, linda umzuzu, ngize ngihambe ngingene bese ngikhuleka, bese ngihlala ubusuku bonke, mhlawumbe iNkosi izohlangana nami futhi Izongitshela." Kulungile, ngokusa okulandelayo, iNkosi yahlangana naye yase ithi, "Ungahambi! Ungabaqalekisi labobantu. Babusisiwe."

94 Kulungile, uBalami waphuma wayesethi, "Awu, ngeke ngahamba, ngoba iNkosi ingitshele ukuba ngingahambi."

95 Manje qaphelani ngenkathi bebuyela emuva, base bethatha ikomkhulu, ukuba yena ehlele lapho bese eyekisa lomhlangano ababenawo, niyabo, awu, manje-ke, kutholakala ukuthi, ikomkhulu lathumela isethi yabantu abangcono izikhulu eziphakeme kakhulu, mhlawumbe umbhishobhi, omuny'umuntu, noma mhlawumbe ngahle ukuba kwakuyigosa lesifundazwe, omunye umuntu othunyelwa ezansi lapho, "Mtsheleni ukuba ehle bese ekuyekisa lokho noma kanjani!" Niyabo?

96 Qaphelani, iqembu lakhe elinokuthonya elingcono, izipho ezingcono, imali eningi, lathi, "Ngingakwenyusela esikhundleni esingcono. Ngingahle ngikwenze, esikhundleni nje sokuba nje ube yindoda ejwayelekile, ngingakwenza uthi ukuphakama kakhudlwana manje. Nginelungelo lokwenza lokho, ngoba ngiyinkosi lapha kulomnyakazo omkhulu. Futhi ngi—ngingakwenzela into ethize engcono, uma nje uzokwenza."

97 Qaphelani, okusha ethenjiswa ukunikwa khona kwamphuphuthekisa. Wayefanele azi; ukuthi uNkulunkulu akusho, uNkulunkulu uyokwenza. Kodwa kwamphuphuthekisa. Futhi njengomprofethi kaNkulunkulu, wayengafanele athonywe yiqembu elinjengalelo. Wayefanele aphume kuleloqembu, okokuqala nje.

98 Futhi uma ngikhuluma kwamanye amadoda kaNkulunkulu lapha! Uma bezama ukukutshela ekomkhulu, ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," nalokhu esikwenzayo lapha, neNkosi uJesu iyasibusisa, "naleso yisigejane sobuhlanya, bayasetshenzwa futhi banamadlingozi, ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu," phumani kuleloqembu, khona lapho. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Phumani kulo, ngoba YiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Bathi, "Ayikho into okuthiwa yizinsuku zabaphostoli. Awukho

umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho ukukhuluma ngezilimi, akukho lutho kukho lapho."

99 O, kodwa, mfowethu, ungakulaleli lokho! Baningi onjengoBalami, namhlanje, behlezi beqhiyeme eofisi labo, befunda leziziNcwadi zeBhayibheli futhi bazi ukuthi LiyiQiniso. Kodwa nokho ngoba nje ngenxa yesikhundla, bangeke basithathe isinqumo sabo sokuma. Kunjalo impela nje. Qaphelani, uNkulunkulu . . . Wayazi ukuthi wayengafanele abe kuleliqembu, noma uBalami wayefanele akwazi. Bona, baphuma entandweni kaNkulunkulu. Labobafo bayokukhipha ngamazwi ngqo entandweni kaNkulunkulu. Uma uthola intando kaNkulunkulu, ungavumeli'muntu akukhiphe ngamazwi kuyo.

100 Ngaze ngabantu abalungileyo, beza emihlanganweni, baphiliswe, bese bebuyela emuva. Futhi bayothi, "O, awu, akukho lutho kulokho. Uxoviwe nje. Akukho lutho kukho." Nabantu bahamba beyongabaza. Ngibabonile abantu befika futhi bemukele uKristu enhliziyweni yabo, babuyele emuva; mhlawumbe bakhulume ngezilimi, bese bebuyela emuva. Nebandla liyothi, "Ngani, wena uyi—uyihlazo ebuKristwini," kanjalonjalo. Futhi, o, he, unga, ungakwenzi lokho, niyabo. Phuma kuleloqembu! Deda kulo.

101 Qaphelani, uBalami wasebenzisa indikimba-mbumbulu lapha, ngenxa kanembeza wakhe, niyabo. Wathi, "Mhlawumbe. Hlalani obunye ubusuku, futhi mhlambe ngizocela uNkulunkulu, niyabo. Mhlambe Angahle ukuba usewuguqulile umqondo waKhe."

102 Kodwa uNkulunkulu akawuguquli umqondo waKhe. Nxa uNkulunkulu esinika isimemezelo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngoSuku lwePhentekoste, yileyondlela Afanele akugcine ngayo. Wenza kuwowonke umnyaka weBhayibheli, futhi Uyokwenza nganoma yisiphi esinye isikhathi umuntu ayofika phezu kwalezozisekelo Azinikelayo lapho. Uma nizoza, nikholwa, niphenduka, nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi nikholwa kuNkulunkulu, uNkulunkulu ubophezelekile ukugcwalisa leso sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, kahle, ngoba Ungudokotela. Futhi Uyosigcwalisa uma nizo—uma nizokulalela.

103 Kodwa ngeke nakukhona manje ukuzama ukuthola lesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, nisiwezele komunye usokhemisi onguwaka o—ongahle afake enye into ethize kuso. Singahle sibulale isiguli. Yingalesosizathu sithola amaningi kangaka amalunga ebandla afile namhlanje, azama ukunikeza isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ongafanele. UNkulunkulu unaso isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo khona lapha eBhayibhelini. Nguyena

izolo, namuhla, naphakade. Nifanele nithathe umuthi ngendlela uDokotela athi awunikezwe ngayo.

104 IBhayibheli lathi, "Ibalisamu alikho yini—alikho yini kwaGileyadi; inyanga ayikho lapho na?" Kusobala, likhona. Wathi, "Pho kungani indodakazi yabantu baMi ikulesisimo na?"

105 Niyabo, sineBhayibheli. SineNyanga. Ingu, nje, ngusokhemese ugcwalisa ngokungesikho isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo somBhalo. Kuyilokho-ke. Nizama ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele nazo zonke lezizinto. Ngumbhedo." IBhayibheli liqinisile impela. UNkulunkulu akayihoxisi noma yini into Ayishilo. Futhi bazama ukusebenzisa indlela-mbumbulu yokuphuma, enye into ethize efana nokuthi, "Awu, siyakukholwa *lokho*." Awu, akunandaba ukuthi nikholwani!

106 Kuyilokho okwashiwo nguNkulunkulu! Wathi, "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama." Wethembisa lokhu ngezinsuku zokugcina.

107 Bazama ukuthi bathi imihlangano, eniyibonayo, bangibiza ngokuthi, "isanusi, i—i—isanusi esiphucukile, noma u—noma uBelzabule, noma eliny'idemoni." Awu, bazofanele bakusho lokho, ngoba bangabakayise. Yilokho akusho ngoJesu ekuqaleni. Futhi akusithi esenza lokhu, empeleni, nguJesu ofanayo, ngoba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. NguMoya waKhe.

108 O, into ethize engaphasa, engedlula futhi iful- . . . ukwedlula ukuthuma kwaKhe. Abantu abaningi kakhulu bazama ukukwedlula lokho. "O, woza ujoyine ibandla, futhi kuzoba kuhle. Siyibandla elidala. Sekuyiminyaka eminingi sikhona. Saqala . . ." Yebo, kunjalo. Uma lokho kunjalo, khona-ke ibandla eliRoma Katolika linakho kini nonke; bangabokuqala bezinhlangano. Baba ngabokuqala. Kodwa, khumbulani, hhayi iBandla lokuqala. Baba yinhlangano yokuqala, nonina wazo zonke. Okungukuthi, zonke ziphambene noNkulunkulu. ISambulo 17 sisho into efanayo, niyabo. Yebo, sisezinsukwini zokugcina. Manje, khumbulani, uNkulunkulu uzonenza, nokho, nibone, manje.

Kwase kuthi-ke uBalami, wacabanga, "Awu?"

109 UNkulunkulu wayesemtshela-ke, "Qhubeka." Ngani na? UNkulunkulu wayekwazi okwakusenhliziyweni yakhe. UNkulunkulu wayazi ukuthi lokho kwakusenhliziyweni yakhe kwasekuqaleni nje, ngakho Wamtshela ukuba a, "Qhubeke." Uyokuvumela. Uyokuvumela ukuba ukwenze. Uyokubusisa, izikhathi eziningi, ngokukwenza.

110 Wabusisa ngisho uIsrayeli emva kokuba be . . . Umusa wase uvele ubanika umprofethi, iNsika yoMlilo, ukukhululwa, izibonakaliso nezimanga, zabakhipha eGibhithe, nayo yonke into, kepha nokho babefuna umthetho. UNkulunkulu

wabadedela baba nawo, kodwa Wabaqalekisa ngaso sonke isikhathi.

111 Wadedela uBalami aqhubeke ngendlela nje ayefanele enze ngayo, kodwa wenzani na? Wehlela lapho futhi, esikhundleni sokuqalekisa abantu, wadingeka ababusise abantu. Wayengenakukuqalekisa okubusiswe nguNkulunkulu.

112 Futhi ngi—nginitshelile, bengizoyeka ngelesishiyagalolunye. Futhi ngibuke phezulu, futhi sekuyisikhathi manje, futhi nginebhuku ligcwele amanothi lapha.

113 Kodwa ngifuna ukusho lokhu, sengivala, ukuthi uNkulunkulu akawuguquli neze umqondo waKhe. Intando yaKhe eqondile yayingukuba uBalami angahambi. Futhi nxa uNkulunkulu enza isitatimende, sizofanele sihlale siyiqiniso.

114 Manje, iBhayibheli lathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Manje, lokho akusho ukuthi "ngendlela ethize." Lokho kusho ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade! UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wethembisa, kuMarku 16, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

Bathi, "Awu, lokho nje kwakungokwabaphostoli."

115 Wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela, ezweni lonke, nakukho konke okudaliweyo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka ezinobuqili, noma bephuza okubulalayo, akuyikubalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Manje, leyo yimfanelo yaKhe.

116 Niyabo, sizama ukufanela into ethize. Sizama ukwenza, sifanele ibandla kulokho esicabanga ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyikho. Singeke safanela ebandleni. Sifanele sifanele kuNkulunkulu.

117 Bengihlala njalo ngithi, yisikhathi esikhulu sokufaniselana. Penda izitebhisi zakho zibe bomvu, futhi bhekisisa umakhelwane wakho upenda ezakhe zibe bomvu. Abanye benu besifazane nigqoka uhlobo oluthize lwesigqoko, ebandleni, bese nibhekisisa bonke abanye besifazane bathola lokho.

118 UNkk. Jacqueline Kennedy wayenalokhu lapha ukugundwa kwezinwele zibe sengathi ikhanda linamanzi, futhi buka bonke abesifazane. Wayegqoka lawomaphinifa amadadlana ambala sengathi yisaka, noma izinto ezinjalo, kuyihlazo kowesifazane ukuba abe sestradini, nabo benwebeke kanjalo. Bukani bonke abesifazane benza into efanayo. Kungukuzifanisa nomuny'umuntu, kodwa lokho kusezweni. Abantu bebandla bayakucosha, futhi kungamahloni ukuthi bayakwenza.

Akulungile ukuba bakwenze, futhi kuyihlazo. Futhi uma sikubona kugaqa kungena ePhentekoste, kuyihlazo kakhulu. Kunjalo. Kodwa, niyabo, ibandla lihambisana nakho futhi likuyeka kuhambe.

119 Manje, asinandaba. Angizange ngibe nandaba noma ngabe ibhantshi lami lalifanelana nebhulukwe lami, noma uthayi wami wawufanelena nebhantshi lami. Ngifuna isehlakalo sami sifanelane neBhayibheli likaNkulunkulu nesidingakalo saKhe. Futhi yilokho thina njengabantu bephentekoste ebesifanele sikwenze, ngukuba nesehlakalo sethu njengoba nje esabo sasinjalo, ngoba UnguJesu ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, amandla afanayo. Ungophilayo namhlanje, futhi Uphila phakathi kwethu.

120 Kuthi ukungikhumbuza ngoluny'usuku umama waKhe wayesukile eJerusalema, esuka ekukhonzeni, nosingayise, uJosefa. Futhi bahamba uhambo lwezinsuku ezintathu, futhi nje bethatha sengathi Wayehambisana nabo, futhi bathola ukuthi Wayengekho lapho.

121 Futhi, niyazi, ngifuna ukufanisa lokho nenamhlanje. Niyazi, ibandla libe nohambo lwezigaba ezintathu. ULuther, uWesley, iphentekoste; uhambo lwezigaba ezintathu. UNkulunkulu uzobanika umlayezo, ukulungisiswa, uLuther, wabambelela kukho; bese-ke kufika ukungcweliswa ngoWesley; bese-ke kuba ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nephentekoste. Futhi angazi ukuthi ngabe asichezukelanga yini sonke ekuthukutheleni okukhulu kwengane ndawondawo, ukuba sakhe izinto ezinkulu futhi senze izinto ezinkulu, njengoba uBalami wayenazo emqondweni wakhe; izinhlangano ezinkulu, o—omunye ukuba edlule omunye, na*lokhu* okunye futhi, benikezwa izimendlela zegolide nezinkanyezi ngoSonto sikole nokuthi ubani ongangenisa amalunga amaningi kakhulu, bese engenisa nje noma yini ebandleni.

122 Ngiyanitshela, linye iBandla akukho mzenzisi kulo, lelo yiBandla leNkosi uJesu Kristu, elibhaphathizwe ngoMoya oNgcwele. Awugqogqelwa phakathi Lapho. Uzalwa phakathi Lapho. Uthunyelwa phakathi lapho nguMoya oNgcwele.

123 Bathola. Umzali wathola ukuthi Wayengekho phakathi kwabo.

124 Manje kulelihora, lesisikhathi esikhulu esinengozi sikhona, lapho sazi ukuthi lesisizwe siyazamazama. Akusiso isizwe kuphela, kodwa umhlaba uyazamazama. Kusesikhathini sokuphela. Ayikho eny'into engiyaziyo ukuba yenzeke kodwa uHlwitho, ukuFika kweNkosi uJesu Kristu. Konke kumi ngomumo.

125 Futhi sibona lemibuthano. O, thola zonke izinzuzo, lengqungquthela equbukayo, khiphani yonke into kuyo eningayithola, engekaNkulunkulu. Uma ningenawo uMoya

oNgcwele, nje kubekeni emqondweni wenu anizukusuka lapha nize niMthole. Yileyondlela yokukwenza. Hlalani lapho, ngoba ni. . .lokhu ngukuthi, kungahle kube yithuba lenu lokugcina. Ingahle ingaphinde ibekhona enye ingqungquthela kuloluGu-Ntshonalanga. Lungahle lube phansi kolwandle, ngalesosikhathi, ngaphambi kwenye. Ngakho asazi ukuthi yini engenzeka, ngakho si. . .Sibheke izahlulelo zikaNkulunkulu ukuba zifike phezu kwezizwe.

126 Manje mangisho lokhu. Babecabanga ukuthi Wayehambisana nabo. Kodwa bathola, esikhathini esinengozi, ukuthi Wayengekho. Niyabo, Wayengenabo.

127 Manje sithola ukuthi, ukuthi ngesikhathi ukuthi ngenkathi lento enkulu isikhushuliwe, futhi sithola ukuthi silahlekelwe yinto ethize emabandleni ethu, nalokho ngamandla kaKristu.

128 Manje, bukani, angifuni ukugxeka. Ngiyanithanda, futhi olwangoqobo, uthando lweqiniso njalo luyaqondisana. Manje silahlakelwe nguKristu ebandleni lethu. Silahlekelwe nguKristu phakathi kwabantu bakithi bePentecostal, umfowethu nodadewethu. Kukhona okungalungile. Imihlangano yemikhuleko eyifeshini endala ababevamise ukuba nayo, imini yonke nobusuku, abasenayo. Abesifazane bakithi babevame ukuba nezinwele ezinde; abasakwenzi. Kwakungaba yihlazo kwabesifazane ukupenda nokusebenzisa upende, emuva ezinsukwini zasekuqaleni, nokwenza ngendlela laba besifazane abenza ngayo. Kukhona okungahambanga kahle. Akukho lutho okungalungile ngoKristu, niyabo, kodwa kukhona okungahambanga kahle. Into ethize indawondawo. Ipulpiti, lalivame, lalingazivumeli izinto ezinjalo, kodwa liyazivumela manje. Niyabo, kuyisikhathi esinengozi, futhi kukhona okusilahlekele.

129 Silahlekelwe amandla ebesifanele sibe nawo, lapho umshini omkhulu ubufanele ugijime wenyuke, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga. Awu, lesisakhiwo besifanele ngabe sihlezi sigcwele kakhulu amandla kaNkulunkulu, manje, isoni size singabe sisakwazi ukuhlala phakathi lapha; uMoya oNgcwele ukugxeka, masinya impela kanjalo, njengoAnaniya noSafira. Futhi kukhona okusilahlekele.

130 Manje kwenzekani na? Bahamba bayoMfuna, phakathi kwezihlobo zabo, futhi abaMtholanga phakathi kwezihlobo zabo. Ngakho baMtholaphi na? Emuva ngqo lapho ababeMshiye khona.

131 Futhi ngicabanga ukuthi, ngenkathi ibandla lethu lingena kulokhu ukuzitika okukhulu kwenhlangano esibe nakho, enye yayedlula enye, futhi zaba namabandla amakhulu ngokuthe xaxa, nezinga labantu abangcono, nabantu abagqoke kangcono, nabaculi abangcono, futhi basukume lapho futhi . . .

132 Ngiyakuthanda ukucula okumnandi. Ngikuthanda ngempela ukucula kwephentekoste okumnandi okuyifeshini endala. Kodwa ngeke ngayimela leyonto yokwenziwa, nje kalula ayihambisani nami; ubambe umoya wakho uze ube blu ebusweni, ukuba nje uzwiwe. Ngi—ngikholelwa ekuculeni okuvela enhliziyweni yakho, ngoMoya kaNkulunkulu, njengoba ngizwile phakathi lapha esikhashaneni esedlule. Niyabo?

133 Ngiyakuthanda ukumemeza okumnandi okuyifeshini endala, kodwa ngicabanga ukuthi ukumemeza kungaqhubeka nje uma umnyuziki uqhubeka noma qha. UMoya kaNkulunkulu phezu kwabantu, Wehlisela izibusiso namandla kaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi umuntu angafakaza, futhi acule futhi adumise uNkulunkulu, emsebenzini wabo, noma ngabe bakuphi. Qiniso.

134 Futhi manje kukhona esilahlekelwe yikho. SiyoMtholaphi na? Khona lapho esiMshiye khona, eZwini.

Asikhuleke.

135 Baba waseZulwini othandekayo, ngobunye balobubusuku sizolivala leliBhayibheli okokugcina, iculo lokugcina lizoculwa, intshumayelo yokugcina ishunyayelwe, umugqa womkhuleko wokugcina uyobizwa, isoni sokugcina siyongena. Bese kuba yini-ke na? O Nkulunkulu othandekayo, asiyifuni intando yaKho evumelayo, Baba. Masihambe ngentando yaKho ephelele. Asithi nje—nje singathathi iZwi lapha nalaphaya, futhi silenze Lifithe umbhedesho noma isivumokholo, noma into ethize. Asithathe iZwi njengoba Linjalo, sikholwa yiVangeli eligcwele, konke lokho uJesu asifundisela ukuba sikwenze. Asikholwa ukuthi izenzo zabaphostoli ngumsebenzi owuhlaka nje. Sikholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu, Liyizenzo zikaMoya waKho oNgcwele kubaphostoli. Futhi sikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ofanayo, Nkosi, ofikela phezu kwabo, nendlela abenza ngayo, Uyokwenza into efanayo kithi, uma Efika phezu kwethu, uma kunguMoya ofanayo.

136 Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi lengqungquthela esesisalelwe wusuku nje sibe kuyo, ukuba iqale kusasa ebusuku. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi izoba yingqungquthela enkulu kunazo zonke lelidolobha eselike laba nazo, ngenxa yoBukhona baKho. Busisa isikhulumi ngasinye, O Nkulunkulu, kwangathi ingashukumisa kakhulu—kakhulu, kwangathi ulaka lukaNkulunkulu lungaduma kakhulu lunqamule epulpiti. Kwangathi izoni zingashukuma, zithuthumele. Kwangathi uBukhona bukaJesu Kristu bungeza bube yibo ngempela kakhulu kubantu, ukuthi bangavele nje bavale amehlo abo futhi baMbone ehamba phakathi kwabo. Siphe khona, Nkosi.

137 Manje, kulobubusuku, ngaphambi nje kokuba lokhu kwenzeke esikukhulekelayo . . . Nkulunkulu Othandekayo,

abanye babantwana baKho bayagula. Balinyaziwe, futhi—futhi balimele. Ngizele ukubakhulekela. Ungakuhlonipha engiKucela khona, kulobubusuku, Nkosi, ngokugula kwabo na? Ngethemba, kuWe, akuzukubakhona muntu obuthakathaka kulendlu uma izinkonzo isiphelile.

138 Izinceku zaKho konke lapha, zihlezi khona laphaya, zimemeza, ziphosa izandla zazo emoyeni, nasemuva lapha emsamo, futhi zithi "amen" eZwini. Baba, singubunye obubodwa babantu. Siphumile ezweni, saphuma kulezozimo ezibandayo eziyizo ngegama nje, futhi sizalwe ngoMoya. Siyaphila, kulobubusuku. Futhi Wena wathi, ngoba Uyaphila, saphila nathi. Futhi siyethemba, Nkosi, futhi sikholwa ngayo yonke inhliziyo yethu, ngokweZwi, ukuthi simelwe kuWe.

139 Manje yenza amaZwi aKho abe yiwo ngempela, kulobubusuku, ukuphilisa abagulayo, njengoba ngibakhulekela, nalaba abanye bekhuleka. Siphe khona, Nkosi, kuzoba njalo. Futhi sizoKudumisa ngakho. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

140 Manje . . . [Omunye uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] NgiyaKubonga, Baba Nkulunkulu.

141 Siyakuzwa lokho, njengesinye isikhathi nje eBhayibhelini, babebhekene nesikhathi esiyingozi, noMoya weNkosi wehlela phezu kwendoda futhi Wayitshela ukuthi sehlulwa kuphi isitha, ukuthi kuyiwa kuphi. Lalelani Lokho. Nje ziqondise wena. Uyabo, uMoya wokuPhila kuwe, uyakuqondisa eZwini. Uyabo, uma iZwi liphila kuwe, Liziphilela Lona uqobo ngeZwi.

142 Manje, izolo ebusuku bengileyithi. Manje, ningabantu abahle kabi, ngivele nje . . . Kubukeka sengathi, futhi njengoba ngiqala ukuba mdala, ngi—ngi—ngifisa nje sengathi benginga . . . Ngiyoba nani kuze kube phakade, kwelinye iZwe.

143 Ngakho manje sizokhulekela abagulayo, futhi manje angizukuzama ukuletha abaningi kakhulu ngesikhathi esisodwa, njengoba ngenzile izolo ebusuku. Futhi manje, uBilly Paul ukhipha isixheke samakhadi omkhuleko, ngicabanga ukuthi ikhulu lawo. Ukhiphe ikhulu, noma amabili na? Amakhulu amabili. Abengobani na? UC.

144 Ubani onoC, wokuqala na? Phakamisa isandla sakho, ake sibone ukuthi lokho kuqinisile yini, manje. Ikhadi lomkhuleko, bheka ekhadini lakho lomkhuleko, linenamba no—nohlamvu kulo. UC, wokuqala, phakamisa isandla sakho. Phezulu le. Kulungile, yehlela lapha. Owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Manje, futhi, wena, omunye akeze ngapha bese ebabamba. Manje siwafuna onke amakhadi omkhuleko, kodwa sibafuna belayine ngapha ngaku*leli*cala. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Ngibona abathathu babo. Nekhadi lakho lomkhuleko, mnumzane? Owesine. Manje angabakhona omunye na? Owesihlanu, ngabe yilowomuntu

ozayo lapho na? Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. UC, owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Kulungile, manje woza nje njengoba ubizwa, inombolo yakho.

145 Ngakho, izolo ebusuku, ngibabone ezansi lapho, abantu beminyana. Asikufuni lokho. Leli yibandla, niyazi, akusiyo inkundla iarena. Ngakho, thina—thina, ufanele ugcine kuhlelekile.

146 Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. Manje balayinise nje lapho bebuyela emuva. Manje, ikhadi lomkhuleko lesithupha, lesikhombisa, lesishiyagalombili, lesishiyagalolunye, leshumi. Nomunye uzophakamisa isandla sabo uma sebethole...uma belayine lapho. Futhi sizobakhulekela.

147 Bangaki ozokholwa kanye nami manje ukuthi iNkosi uJesu izokwenza umsebenzi omkhulu na? Ngizokwenza konke engingakwenza. Manje owesithupha, owesikhombisa; owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi, oweshumi nanye, oweshumi nambili, oweshumi nantathu, oweshumi nane, oweshumi nanhlanu.

148 Manje wozani ngapha nje, ukuze bonke bengezukuminyana ngasikhathi sinye, niyazi, nangokuzungeza kukho. Ninikelwa lokho-ke izinombolo, ukunigcina nihlelekile, niyazi. Nigcineke kanjalo ukuze kungezuku...Bese-ke njengoba inombolo yenu ibizwa, awu, nize-ke nje. Kulungile, futhi manje sifuna uku...

149 Manje ngifuna nonke, wonk'umuntu, ukuba ahloniphe ngokuzithoba ngempela manje. Futhi sizokhuleka siqhubeke manje cishe, size sizokwazi ukuthola lababantu bakhulekelwe. Futhi asazi ukuthi iNkosi ingahle yenzeni. Asazi ukuthi Izokwenzani. Kodwa siYibheke ukuba yenze izinto ezinkulu.

150 Manje, ngiyakholwa, ishumi nanhlanu, ngabe nginabo abaningi kangako ngapho okwamanje na? Billy Paul, ukuphi na? Kulungile. Ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili.

151 Manje, niyabo, sebevele bayaminyana. Ngakho manje ngizoba ne, mhlawumbe, mhlampe omunye umfowethu ukuba a, njengoba lapho bona ehlela ekupheleni komugqa, ngimbizise ezinye izinombolo, niyabo, ukuze sonke singezukuma, sime lapho isikhathi eside kangako uma sikhulekela a—a a—abantu abagulayo. Kulungile. Manje sizo—sizo...ngifuna—ngifuna ni...

152 Ngifuna ukukhuluma kini besathola labobantu ukuze bangezukuminyana phezulu kanyekanye.

153 Manje, akungezi'muntu kuze kubizwe inombolo yakho—yakho. Sibize kwaze kwayofika eshumini nanhlanu, ngikholwa ukuthi bekuyilo, noma amashumi amabili, into ethi ayibe lapho, ngizothi kuze kuyofika emashumini amabili, bese kuthi-ke silinde. Nalokho kuzokwenela phakathi lapho khona manje, noma ngabe yini engapho.

154 Futhi manje mangaki amakhadi elilapho na? Phakamisani izandla zenu. Futhi bangaki ongenawo amakhadi na? Phakamisani izandla zenu.

155 Manje, khumbulani, awudingi ukuthi ube nekhadi lomkhuleko. Sesibe lapha ubusuku obubili, futhi ubusuku ngabunye uMoya oNgcwele uphumele phezu kwezethameli futhi waphilisa abantu, kungakhathaleki ngamakhadi omkhuleko. Kunjalo na? Ikhadi lomkhuleko lenza into eyodwa kuphela kini, linisiza ukuba ningene emgqeni. Kunjalo. Kodwa ninokukholwa, futhi bhekisisani uMoya oNgcwele esuka emsamo, khona lapha, futhi aphumele ngqo phakathi kwalezozethameli lapho. Bangaki okwaziyo lokho ukuthi kuyiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

156 Manje, ngi—ngiyakholwa, ngikholwa ngokugxilile, ukuba bekukhona elinye ibandla ngaphandle kwebandla lamaPentecostal, ebengiyo—ngingahamba nalo futhi ngikholwe kulo, bengiyoba nalo, uma ngicabange ukuthi ibikhona noma yini engcono. Futhi uma ningizwa ngisho into ethize mayelana nezinhlangano, nezinto ezinjalo, angimelene nabantu. Yingoba . . .

157 Ukuba-ke ububone umuntu obumthanda, phandle esikebheni entanta eqonde ngqo ezansi ngasezimpophomeni, futhi wazi ukuthi lesosikebhe besizocwila naye, futhi uthi, "Awu, ngiyamthanda, kodwa u—unezindlela ezingezakhe"? Qhabo, bengingekwenze lokho. Lokho akukho kimi. Bengiyompompoloza, ngigijimele phandle futhi ngimdumele, ngimnyakazise, ngimdluthule angene, kumbe noma yini enye, ukuba ngimkhiphe lapho, niyabo.

158 Futhi ngiyazi ukuthi lokho ngeke kuntante ezimpophomeni. Kunjalo. Kufanele kubuyele kuKristu, ngokuqiniseke njenganoma yini. Kuzofanele kubuyele ku—kuNkulunkulu. Manje ngi—ngi . . .

159 Wonk'umuntu phakathi lapha uke waba semihlanganweni yami ngaphambili, kunjalo na? Phakamisani izandla zenu uma nike naba semihlanganweni. Kulungile. Akukho noma yini . . .

160 Ngabe bakhona abayizifiki ongakaze abe kowodwa wemihlangano yami ngaphambili na? Bambani izandla zenu. Awu, yini eni . . . Angikaze . . . Ngabe lesi yisikhathi sokuqala ukuba nibe kowodwa wemihlangano yami na? Phakamisani izandla zenu futhi. Awu, ngi—ngi—ngiyanitshela, ngi . . .

161 Mhlawumbe kungcono ngiyishintshe lento. [Umfowethu uthi, "Chaza kancanyana ngenkonzo yakho."—Umhl.] Awu, kungcono ngi—ngikwenze.

162 Nina, kinina bantu enisanda kungena nje, ngi—ngizo . . . Kuzongithatha nje emincane, kweluleke ngemizuzu embalwa. Angiyichaze, ngoba nizohamba ninokucabanga okungesikho, niyabo.

163 Ngikholwa yiso sonke isenzo sikaNkulunkulu. Kodwa ngiyakholwa ukuthi iBhayibheli liyasethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi kuzobakhona, fika futhi, iBandla lizofanele lingene enqubweni efanayo elalikuyo, uJesu ayishiya ngenkathi lisuka. Niyabo, nguMlobokazi, lizofanele libuyele kuleyondawo. Manje, sedlule emisebenzini emikhulu kaNkulunkulu, ngokulungisisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubuyiselwa kweziphiwo. Kodwa ekulandeleni umugqa ka Abrahama . . .

164 Manje, angifundile, ngakho ngifanele ngisebenzise into ethize efana noJohane umBhaphathizi. Wayengafundile, naye. Waya ehlane, cishe eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, futhi akazange ayithole imfundo. Ngakho izintshumayelo zakhe zazesekeleke kakhulu phezu njengemvelo, "O nina nzalo yezinyoka." Niyabo, leyo yinto eyayiyimbi kakhulu ayibonile, futhi neyincikinciki kakhulu, futhi wabiza labobapristi nge "zinyoka." Wathi, "Nina nzalo yezinyoka, ubani onexwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuthi, 'Sina*lokhu*, futhi singaba *lokhu*.' UNkulunkulu angakwenza ngalawamatshe," yilokho akubone ogwini lomfula, "ukumvusela uAbarahama abantwana. Kanti, futhi, izembe," yilokho ayekusebenzisa ehlane, "libekiwe empandeni yomuthi. Nayo yonke imithi engatheli isithelo esihle, iyanqunywa." Yilolohlobo ayelushisa, bese enza izinkuni zomlilo ngalo, niyabo. Kodwa imithi emihle . . . We—wenza nje izintshumayelo zakhe kanjalo.

165 Ngakho, kulokhu, ngifuna uku—ukukusho ngalendlela. Sisesikhathini sokuphela, isikhathi sokuvuna.

166 Manje, ohambweni luka Abrahama, wayelokhu ehlangana noNkulunkulu njalo ngezimo ezehlukile, kanjalonjalo, ebesingakuthatha futhi sikukhombise. Nje, siyiNzalo ka Abrahama, uma sikuKristu. NoIsaka ngempela wayeyindodana yakhe—yakhe encane; wayeyindodana yakhe, ngokocansi. Kodwa, ngokomoya, uKristu wayeyiNzalo ka Abrahama, iNzalo yakhe yobukhosi, ukukholwa kwakhe.

167 Manje sithola ukuthi iNzalo yakhe yobukhosi iyi, ihamba uhambo olufanayo, okungukuthi, uMlobokazi kaKristu uhamba uhambo olufanayo olwenziwa nguAbrahama. Nesibonakaliso sokugcina uAbrahama asibonile, ngaphambi kokuba kufike indodana ethenjisiwe, kwakungenkathi uNkulunkulu

wayebonakaliswa emzimbeni womuntu, neziNgelosi ezimbili zehla.

168 UJesu washo, kuLuka oNgcwele, isahluko 17 nevesi 30, ukuthi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Wakhuluma ngesikhathi sikaNowa. Wayesethi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," niyabo, ukuFika kwaKhe, "kuyakuba njalo ngezinsuku iNdodana yomuntu embulwa ngazo." Manje, Akazange athi "iNdodana kaNkulunkulu" yembulwa. "INdodana yomuntu!"

169 Manje, uJesu wafika ngamagama amathathu. INdodana yomuntu, okungumprofethi; iNdodana kaNkulunkulu, eyedlula onyakeni weBandla; bese kuba yiNdodana kaDavide. Kodwa phakathi kweNdodana kaNkulunkulu neNdodana kaDavide, ngokweZwi laYo uQobo, nangokukaMalaki 4 neminingi imiBhalo, Izobuyela eBandleni laYo, ngesimo somzimba, kubantu, e . . . ezidalweni ezingabantu, ngendlela yokuba ngumprofethi. Niyabo?

170 Futhi bhekisisani ukuthi leNdoda yenzeni ngenkathi Yehla ukuzobona uAbrahama. Into yokuqala, Yatshela uAbrahama ngegama lakhe liguqulwa, ngoba Ayimbizanga ngoAbrama, Yambiza ngoAbrahama. Futhi ngenkathi Yenza, ngani, sithola ukuthi—ukuthi Yathi, "Uphi umkakho, uSara na?" S-a-r-a, hhayi uS-a-r-a-y-i.

171 "Ngani," wathi, "usethendeni emva kwaKho."

172 Yathi manje, wayenamashumi ayisishiyagalolunye noAbrahama wayenekhulu, Yayisithi, "Manje Ngizokuvakashela ngokwesithembiso, isikhathi sokuphila."

173 NoSara engaphakathi, waYizwa, elalele ngobonda lwethende, futhi wahlekela ngaphakathi kwakhe. NeNgelosi, iNdoda ihlezi lapho, yathi, yabona ngokufihlakele umoya wakhe ngemuva, emva kwaYo, yayisithi, "Uhlekeleni uSara, esho ngalezizinto na?"

174 Awu, babiza uSara weza, wayesekuphika. Yathi, "Kodwa ukwenzile." Wayesaba.

175 Manje uJesu wathi, ngaphambi nje kokuFika kweNdodana kaNkulunkulu, noma iNdodana yo . . . ukuFika kwesibili, ukuthi lonyaka esiphila kuwo . . .

176 Ufika njengeNdodana yomuntu, umprofethi, ngoba lokho kugcwalisa umBhalo. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami." Sonke siyazi lowo kwakunguJesu. Asazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho Wadingeka eze ngokomBhalo, umprofethi. Akazange Azibize ngeNdodana kaNkulunkulu; Wazibiza ngeNdodana yomuntu.

177 Kodwa manje U, ngonyaka weBandla manje, UbeyiNdodana kaNkulunkulu. Esikhathini seminyaka eyiNkulungwane Uyoba

yiNdodana kaDavide, ehlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Kodwa phakathi kwalesisikhathi, sithola ngemiBhalo, Uzozembula Yena uqobo futhi njengeNdodana yomuntu, umprofethi.

178 Isizathu, iZwi leNkosi liza kubaprofethi kuphela, neze kosiyazi bezenkolo. Kukubaprofethi. NeNkosi yathi Ayenzanga lutho, eZwini laYo elingaguqukiyo esisanda kukhuluma ngalo nje, ize ithi kuqala Ibonise abaprofethi baYo. Nesikhathi sokuphela, lezozimpawu eziyisikhombisa leliBhayibheli elizinameke ngophawu, izimfihlakalo ezikasikhombisa zakho konke okukaKristu, izokwembulwa kuqala, futhi ingalethwa kuphela kumprofethi. Kade sibheke lokho, iminyaka, futhi sikholwa ukuthi uMoya waKhe uphakathi kwethu manje, ngakho siyathola.

179 Manje bhekisisani nxa uJesu efika, bhekisisani ukuthi Wenzani ukuzifakazisa Yena uqobo ukuthi uyilowoMesiya, OGcotshiweyo. Ngoluny'usuku, emva kokuba Esemukele . . . UYise wayehlile wayesehlala kuYe, ngesimo sejuba ehla evela eZulwini, ethi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo."

180 Yingalesosizathu Athi, "Mina noBaba siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi. AkusiMina owenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlala kiMi."

181 UJohane wafakaza, ebona lowoMoya kaNkulunkulu, njengejuba, wehla. IPhimbo livela kuWo, lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo." Niyabo, futhi Wayehlala kuYo.

182 Manje bhekisisani ngenkathi inkonzo yaKhe iqala, Wayedingeka aziphathise okweNdodana yomuntu manje. Manje bhekisisani ukuthi Wenzani. Nakho kwenyuka indoda egama linguSimoni Petru. Igama lakhe lalisenguSimoni ngalesosikhathi, kamuva wabizwa ngoPetru. UAndreya wayekade ethamela umhlangano kaJohane; kwase kuthi-ke ngenkathi kufika uJesu, noJohane wayeMethulile, waMbona. NoAndreya wacela umfowabo, uSimoni, ukuba eze emhlanganweni naye.

183 Futhi wayekade etshelwe nguyise, njengoba kwasho ukuthi, "Kuyofika isikhathi, ngaphambi kokuba uMesiya wangempela afike, ukuthi kuyobakhona oMesiya abaningi bamanga abavukayo." Kuhlala njalo kungaleyondlela. Wathi, "Kodwa, madodana, khumbulani, uMesiya wangempela, niyoMazi ngoba Uyoba ngokomBhalo. Uyoba ngumprofethi. Manje, kade singenamprofethi amakhulu ngamakhulu ngamakhulu eminyaka, selokhu kwaba nguMalaki. Kodwa kuyoba nabantu abaningi abazishoyo, esaziyo ukuthi kwakukhona—kwakukhona uJesu ovuswayo futhi wathwala isigejane, kanjalonjalo. Kodwa loMesiya wangempela uyoba

ngumprofethi." Nawo onke amaHeberu afundiswa ukukholwa lokho abaprofethi athi kungamaqiniso.

184 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngayo leyonkathi lowomdobi ongafundile, esitshelwa ukuthi wayengenayo imfundo eyenele ukuba abhale igama lakhe, iBhayibheli lathi wayeyikho kokubili "imfunda nongafundile," waqonda ukuthi lowo kungaba yiNdodana kaNkulunkulu. Waqonda ukuthi lowo kungaba nguMesiya, ngoba kwakukhona umprofethi. Kwakukhona Lowo Owamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani, wayesemtshela ukuthi igama likayise lalingubani. Wayesazi-ke ukuthi lowo kwakufanele kube ngumprofethi, ngoba iNdoda yayingamazi. Futhi wanikwa izihluthulelo kuwo uMbuso.

185 Futhi sithola ukuthi kwakunabanye abemi lapho belalele lokho, nomunye ogama linguFiliphu, owayene... wayenokufundisiswa kweBhayibheli nomngani, ogama linguNatanayeli, ebheke uMesiya. Ngakho ugijima ujikeleza intaba, cishe uhambo losuku, futhi uyabuya. Futhi uthola loNatanayeli laphaya ephansi ko—komkhiwane, ekhuleka—ekhuleka. Wayesethi, "Woza, ubone ukuthi uBani esimfumene, uJesu waseNazaretha indodana kaJosefa." Ngakho uNatanayeli eyi... noma uFiliphu noma...

186 UNatanayeli, njalo, engumuntu olungileyo, wathi, "Manje, ikhona into enhle engavela eNazaretha na?"

Wathi, "Awu," wathi, "woza nje ubone."

187 Manje, lokho kungukweluleka okuhle. Woza, uzibonele wena. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza, uthole. "Hlolani imiBhalo, kuyo nithi ninokuPhila okuPhakade." UJesu wathi, "YiYo efakaza ngaMi."

188 Ngakho emgwaqeni sebebuya, akungabazeki, babenengxoxo encane. Wamtshela, wathi, "Uyamazi lowomdobi omdala owayengakwazi ngisho nokusayina lelothikithi lalezozinhlanzi owazithola ngalolosuku na? Wamtshela. Uyazi uyise wayesenhla lapho ebandleni, igama lakhe lalinguJonase. Uyakhumbula? Ngakho, Wa—Wa—Wamtshela ukuthi wayengubani."

"O, ngizodingeka ngikubone lokho."

189 Ngakho ngenkathi enyuka, futhi mhlawumbe wayesemgqeni womkhuleko, lapho uJesu ayekhona. Angazi. Wayehambe wenyukela eBukhoneni bukaJesu. UJesu wambuka, wayesethi, "Bheka umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye!"

190 Manje, indawo yokuqala, wena uthi, "Wayazi kanjani ukuthi wayengumIsrayeli na? Awu, ngoba wayegqokile na?" Qhabo, qhabo.

191 Bonke abaseMpumalanga bafaka leyomishuqulu. Bagqoka ngokufanayo. Wayesethi, "UmIsrayeli."

192 Wayesethi, "Akukho-nkohliso!" Wayengaba ngumkhohlisi kumbe noma yini, khona-ke wayezodalulwa. Wathi, "Okungekho-nkohliso kuye!"

193 Futhi ngakho lokho kwathi ukukhipha isitashi kuNatanayeli, ngakho wathi, "Rabi, Uze wangazi nini na? Ngani, a—a—angikutholi lokhu. Uze wangazi nini na? Angizange ngihlangane naWe. Ngenyuselwe lapha nje nguFiliphu. Uze wakwazi nini na?"

194 Wathi, "Ungakabikho phansi komkhiwane, ngenkathi ulapho ukhuleka, Ngakubona." Ya. Niyabo?

195 Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi kaIsrayeli."

196 UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokhu, ukholiwe na? Khona-ke uzobona okukhulu kunalokhu."

197 Manje, kwakunalabo bemi lapho. Manje ake ngininike isexwayiso esincane. Kwakunalabo bemi lapho, orabi nabapristi, base bethi, "LoMuntu wenza lokhu ngoBelzabule."

198 NoJesu waphenduka wayesethi, "Ngiyonithethelela ngalokho," ngokuba ukubuyisana kwakungakenziwa, "kodwa suku lumbe uMoya oNgcwele uyofika futhi wenze into efanayo," Wathi, "nokukhuluma izwi elilodwa elimelene naLowo, anisoze nathethelelwa lona kulelizwe nasezweni elizayo."

Kuqhubekele kowesifazane emthonjeni, amaSamariya.

199 Manje, kwakunezinhlanga ezintathu zabantu emhlabeni. Singahle sibe mnyama, nsundu, mpofu, noma ngabe siyini, kodwa sivela egazini elilodwa. Futhi kunezinhlanga ezintathu, ezivela kuHamu, uShemu, nabantu bakaJafete; nalelo yiJuda, oweZizwe, nomSamariya, iJuda uhhafu noweZizwe.

200 Manje, thina beZizwe, iAnglo-Saxon, sasingabahedeni, sikhonza izithombe. Sasingabheke Mesiya.

201 Ngakho ngenkathi uJesu Ezibonakalisa njengeNdodana yomuntu . . . Manje lalelisisani, futhi ngizovala. Ngenkathi uJesu efika, Wayebophezelekile ukumela lokho umprofethi athi Wayezoba yikho, ngakho lapho phambi kukaIsrayeli WaZimela, phambi kukaPetru noNatanayeli nalabo lapho, njengeNdodana yomuntu.

202 Manje Unesidingo sokuya ngaseSamariya. Futhi Wenyukela eSamariya, futhi lapho Wafumana owesifazane ehlezi emthonjeni. Siyayazi indaba, futhi njengoba e, baxoxa ndawonye. Uza ukuzokha amanzi. Wathi, "Ngiphuzise."

203 Wayesethi, "Manje, kunokwehlukana lapha, singeke saba nalokhu. Futhi ngingowesifazane waseSamariya, futhi Wena uyiJuda. Asina . . . "

204 Wathi, "Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

205 Wathi, "Awu, umthombo ujulile, Uzowakha ngani na?"

206 Nengxoxo yaqhubeka waze Wawubamba umoya wakhe. Futhi ngenkathi Exhumana nomoya wakhe, Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje bangaki abenu zifiki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? ["Amen."] Kunjalo, lokho kwakuqinisile.

Futhi Wathini na? "Hamba ulande indoda yakho bese niza lapha."

Wathi, "Anginandoda."

207 Wayesethi, "Usho kahle. Ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho." Wajika.

208 Manje, wayengafani nalabobapristi, abathi, "Unedemoni. Ungumbhuli noma into ethize."

209 Wajika, wayesethi, "Nkosi, ngiyabona Ungumprofethi wena. Manje, kade singenaye iminyaka engamakhulu amane. Ibandla kade lingazejwayele izinto ezinjengale. Kodwa siyabona, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, ngiyazi ukuthi sibheke uMesiya. Futhi nxa uMesiya efika, yileyonto Ayoyenza."

210 Manje iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya emuva lapho, kumSamariya naseJudeni, manje, kwakungakaze kwenziwe phambi kwabeZizwe. Akukho-ndawo eBhayibhelini uJesu ake akwenza phambi kwabeZizwe. Babeneminyaka eyizinkulungwane ezine zokubheka uMesiya; sesibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nokuqeqesha kwabo, futhi, ukubheka uMesiya.

211 Manje, uma leyo kwakuyinkomba yaKhe ngaphambi nje kokuba usuku lwabo luqedwe, kuzofanele kube yinkomba yethu, ngoba Wethembisa ukuthi iNdodana yomuntu yayizozembula Yona uqobo futhi ngosuku lapho izwe liba njengeSodoma futhi. Futhi noma yimuphi umuntu uyazi ukuthi silapho. Niyabo?

212 Manje, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu ugcina lonke iZwi. Wonke umBhalo uphefumulelwe. Angikholwa ukuthi sinowodwa oqinisile, futhi siyolahlwa ngawo, uma senezela izwi elilodwa kuWo noma sisuse iZwi elilodwa kuWo. ISambulo 22 sisho njalo. Ngikholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

213 Impela ngiyalihlonipha iLuthela ngokuma kwawo ngosuku lwawo, iMethodisti ngokungcweliswa ngosuku lwawo, nePentecostal ngokuma kwawo ngosuku lwawo, kodwa siphila koluny'usuku. Siphila lapho kade kukhona isiqu, intshakaza, ikhoba, licishe impela lifane noKolo, kodwa uKolo ungaphakathi kwekhoba. Ikhoba belesekela uKolo nje, lwavimbela ilanga elishisayo ekuWushiseni. Futhi manje ihlelo liyahosheka kuWo, ukuze Ukwazi ukwenekwa

eBukhoneni beNdodana, ukuba uvuthwe. Ngakho si—sise... Ngeke kusabakhona zinhlangano ezivukayo. Lokhu ngukuphela kwayo. Kade sinazo, njalo cishe iminyaka emithathu, ngenkathi kuqala umlayezo, bayawuhlela.

214 Lokhu kade kuqhubeka cishe iminyaka engamashumi amabili, futhi akukho-nhlangano. Ingeke yabakhona. Sisesikhathini sikaKolo, isikhathi sokuvuna. Sengiyakuzwa ukufika okuhlanganisiwe. Siya eKhaya ngoluny'usuku. "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

215 Manje, angisuYe, kodwa ngiyinceku yaKhe. Angikholwa ukuthi ubeka izandla phezu kwabantu bese ubapha iziphiwo. "Iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka." Zimiselwe ngaphambili, nguNkulunkulu, ukuhlangabezana nonyaka nesikhathi salowonyaka. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi lelo yiqiniso. UMose wazalwa ngesikhathi esifanele nje. UJeremiya, ngesikhathi esifanele, bonke abanye babo. UJohane umBhaphathizi, ngesikhathi esifanele. UJesu wayengesikhathi esifanele. Nathi sisesikhathini esifanele. Yilokhu okufanele kwenzeke.

216 Manje, ngiyasho ukuthi Uyaphila namhlanje, noMoya waKhe. Emva kweminyaka yebandla, sisonyakeni webandla laseLawodikeya, ukubiza kokugcina, nomubi ukwedlula yonke yayo, ngoba Wabekwa ngaphandle kwebandla. Khumbulani, iNdodana yomuntu, futhi Yabekwa ngaphandle kwebandla; hhayi inhlangano ephuma enhlanganweni, kodwa uMuntu ongaphandle kwenhlangano. Niyabo? Akukho namunye weminye iminyaka yebandla owawunalokho, iLawodikeya nje. Uma ungowomoya, uzoqonda.

217 Baba wethu waseZulwini, manje ngifakazise ngokweqiniso ngaWe. Manje uma lokhu kuba yiqiniso, engaziyo ukuthi yilo, Nkosi, ngikukholwa ukuthi kuyiqiniso, Uyafakaza ukuthi ngikhulume iQiniso. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

218 Ngizocela into ethize, umzuzwana nje. Bengingezukuba nakho noma yikuphi ukubona okufihlakeleyo emgqeni, ngoba ngicabange ukuthi nonke nje nike naba senkonzweni yami. Kodwa okwalababantu olapha, makuthi abanye benu bantu phandle lapho baye kokhuleka, futhi makuthi nje omunye emgqeni, noma okuthize. Futhi manje uma uJesu Kristu ezothatha lesisidalwa esingumuntu. Ngeke kusebenze ngaphandle kwenu. Nguwe okwenzayo.

219 Manje, lalelani, owesifazane wathinta ingubo yaKhe, ngoluny'usuku, Wayesejika, wathi, "Ubani oNgithintile na?"

220 Bonke bathi, "Ngani, Ubonakala..." Noma, uPetru wathi, "Ngani, sonke isixuku siyaKuthinta."

221 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngiphelelwe amandla, noma kuphumile amandla kiMi." *Amandla* nguku "qina." Wayesethi, "Ngiyabona ukuthi Ngi—Ngiphelelwe amandla."

222 Futhi ngakho Waqalaza, phezu kowesifazane, waze Wamthola, wayesemtshela ngomopho wakhe. Nokuthi u. . . Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Kulungile.

223 Manje, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. NeTestamente eLisha, iNcwadi yamaHeberu, yasho ukuthi, "Khona manje UngumPristi oMkhulu enza izinxuselo zenu, onokuzwelana nobuthakathaka benu."

Manje, lapha, ngabe leso—ngabe leso ngesinye seziguli lapha na? Woza.

224 Manje, okwezethameli. Lokhu angikwenzeli ukubukisa, bangani. Manje yekani ukucabanga lokho. Khumbulani, ngiyayithola imicabango yenu. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile, futhi okubonayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

225 Nangu owesifazane engi—engingakaze ngimbone. Angazi nokukodwa ngowesifazane. Mhlawumbe siqhelelene ngamamayela ngokuzalwa, futhi siqhelelene ngeminyaka, futhi simi lapha kulobubusuku. Siyizihambi omunye komunye. Angikwazi. Manje, anginamqondo. Lapha, nangu u—nangu uJohane oNgcwele 4 futhi, o—owesilisa ubonana nowesifazane. Manje, angisuye uJesu naye akasuye lowo wesifazane. Kodwa nakhu nje okufanayo. Wayesethi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Manje, angazi. Kuthatha ukukholwa kwalona wesifazane ukukwenza. Angazi lutho ngaye. Kodwa manje uma ngikhulume lokho okuyiqiniso, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukwenza i. . .kuthiwe lokhu kuqinisile. Manje, ngingakwazi, uma uNkulunkulu waseZulwini . . .

226 Futhi ngikhulume iQiniso. Uyakholwa ukuthi engikushilo ngalokho kuyiQiniso na? Uyakuvuma lokho ngokuthi kuqinisile na? [Udade uthi, "Ngiyakukholwa."—Umhl.] Uyakukholwa lokho na? Bengingeme lapha phambi kwaleliBhayibheli eliNgcwele futhi ngizame ukudukisa omunye, umuntu onguntanga yethu, futhi ngazi ukuthi ngifanele ngihlangabezane noNkulunkulu ngaleya eNkantolo yokwaHlulela. Sizofanele sime lapho, ngoluny'usuku. Siyakwazi lokho.

227 Manje uma uNkulunkulu engembula, kimi, into ethize empilweni yakho, owaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, ngoba angikwazi. Uma noma yini, izofanele ibe yinto ethize empilweni yakho. Ngeke ngazi lutho ngayo. Izodingeka ivele eMandleni angaphezu kwemvelo. Futhi manje-ke kuzoba kuwe, ukuthi ucabange ukuthi Amandla abe yini.

228 Manje kinina zifiki. Manje ngibamba isandla sami. Manje, sizani ningalokhu nizulazula khona manje, ngoba, niyabo, ngamunye ningumoya. Uma ngijika, uzwa nje sengathi ngu—ngumdonso ovela ndawo zonke. Niyabo, niyi—niyizidalwa ezingabantu futhi ninemimoya. Futhi ungumoya. Uma ungesiwo, ufile. Ngakho hlonipha nje, okomzuzwana nje.

229 Nawe ndoda lapha, khuleka. Bengingakubhekile lokhu, angizeli neze khona lokhu kulobubusuku, nhlobo. Ngizela nje ukukhulekela abagulayo. Kodwa lowo yizifiki.

230 Manje, niyakukholwa lokho na? Uma iNkosi ingangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma ukuthi uzofunani lapha, into ethize oyenzile noma obufanele uyenze, noma—noma enye into ethize, khona-ke uzokholwa na? Kulungile, ngizama ukuxhumana nomoya wakho, uyabo. Yilokho engizama ukukwenza. Njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, Wakhuluma kuye kancinyane, niyabo, Wayecela amanzi. Futhi yilokho engizama ukukwenza, ngukuthola umqondo wakho, kungesikho ukufunda umqondo wakho; kodwa ngizama njengoba Enza, ngibone imicabango yakho.

231 Ulapha ngenxa yesimo sesisu. Unenkathazo yesisu. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuqinisile. Usuyakholwa manje na? Akusikho lokho kuphela, kodwa ulambele enye into ethize. Ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Vayizelisa isandla sakho uma lokho kuqinisile. Uyabo? Ngikubonile lokho kuKhanya kuhamba kwehlela kuye, bese-ke kubuyela emuva, uyabo. Hamba futhi wemukele uMoya oNgcwele, ngeGama likaJesu Kristu, impendulo.

232 Usuyakholwa manje, sifiki na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje wena uthi . . .

233 Manje lapha, niyabo, uma lologcobo luke lwaqala, khona-ke nangu Ehamba. Niyabo, uthi nje owesifazane angama, nango, khona manje u . . . Uyaqonda ukuthi ikhona Into ethize engakuye.

234 Bangaki abake babona isithombe saleyoNsika yoMlilo, lokho kuKhanya lapho na? EWashington D.C. Niyabo? Manje ngifisa . . . Ngelinye izinga lendawo, kusengathi. Ngibuka Khona ngqo. Nakho Kulenga khona lapha ngakowesifazane. Ngibuka Khona ngqo.

235 Manje, ngiyisihambi uqobo kulona wesifazane. Angimazi. Futhi ngingabaza kakhulu impela ukuthi ngabe uyangazi yini, kuphela nje ngokuba ngaphandle emhlanganweni. Yilokho kuphela. Kodwa uma uNkulunkulu engangitshela into ethize ngawe, noma into ethize enjengasesikhashaneni esedlule, ungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uzokukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yakho na? Awu, kwangathi Angapha khona. Wena u, ubhekene nokuhlinzwa, nalokho kuhlinzwa kumayelana nesandla sakho. Akukho-zindawo kuzo, kodwa yisimo semithambo esandleni sakho. Lokho kwabangelwa yingozi, futhi ufanele engabe uhlinziwe sona. Uyakholwa, futhi ungeke ube nakho ukuba uhlinzwe sona, uma nje uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho! Woza, manje. Uyasikholwa isithembiso saKhe na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Ya.

236 Yiba nokukholwa nje manje. Ungangabazi nje. Kholwa nje. Manje, lapha, makube yilona futhi omunye wesifazane, ngoba lona wesifazane usesimweni esibucayi. Uyalibona lelothunzi elimnyama na? Bangaki asebake babona isithombe sithathwa sethunzi elimnyama lokufa na? Lilenga phezu kowesifazane khona manje. Uma uNkulunkulu engamsizi, angeke aphila. Unethumba. [Udade uthi, "Yebo!"—Umhl.] Nethumba lisebuchosheni. ["Yebo!"] Ehhe. Ehhe. Ehhe.

237 Nkulunkulu othandekayo, uma Ukhona useduzane kakhulu manje, owazi zonke lezizinto, ngiyakhuleka, Nkulunkulu Othandekayo, ukuthi Uzomphilisa udadewethu. Mvumele aphile, Baba, ngenkazimulo yaKho. Ngicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

238 Sawubona? Ungumuntu onomoya omuhle kakhulu. Ukuba umama ubesaphila, ubeyoba cishe nguntanga yenu, ngiyethemba. UseNkazimulweni, kulobubusuku. Wayehlala njalo engikhulekela uma ngiye emhlanganweni. Ngathi eNkosini . . . [Udade uthi, "Nginamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu."—Umhl.] Mem? ["Nginamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu."] Iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala. Ayibusiswe inhliziyo yakho, dade.

239 Manje, ngiyisihambi uqobo kuwe, ngiyethemba. Sehlukene ngeminyaka ubudala bethu. Futhi angikwazi. Angikaze ngikubone. Singabantu ababili nje ababonane lapha emhlabeni, kodwa ungumKristu. Uyikholwa. Imbangela, isizathu ngikwazi lokho, ngukuzwa umoya wakho. Wena, ungemukele, uyabo. Futhi ngikukholwa ukuthi kunguMoya oNgcwele, ngoba kunikeza imisebenzi nezenzo zikaMoya oNgcwele. Uyabo? Futhi ngiyazi ukuthi KunguYe. Ngiyayazi lento esikhuluma ngayo ukuthi iqinisile. Manje, ngiyazi ukuthi yiqiniso.

240 Manje, angazi ukuthi yini engabe ayilungile. Kodwa uma iNkosi uJesu ibingembula kimi ukuthi yini engabe ayilungile kuwe, ubunga . . . ubungazi noma ngabe bekuqinisile noma qha, noma ubungitshele into ethize oyenzile, noma obungafanele uyenze. Ubuzokholwa ukuthi bekuyileyoNkosi uJesu ofanayo, uNkulunkulu ofanayo owakwazi ukutshela uFiliphu lapho ayekhona, atshele uSimoni ukuthi wayengubani igama lakhe na? UyaMkholwa ukuthi nguye yena Lowo ofanayo na?

241 Inkathazo yakho yinkathazo yezibilini. [Udade uthi, "Impela."] Yilokho impela. Akunjalo na? ["Yebo, mnumzane."—Umhl.] Usuyangikholwa manje ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Igama lakho unguNkk. Bayer, Nkk. Bayer; Bayer, njengesidambisi zinhlungu iBayer. Kunjalo. Usuphilisiwe. Qhubeka, uJesu Kristu uyakusindisa. UNkulunkulu akubusise.

242 Uyakholwa ngayo yonke yakho . . . Manje uma nje unokukholwa, ungangabazi!

243 Manje, ngempela awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngomuny'umuntu. Ngowesilisa, futhi akekho lapha, umfowenu. Lowomfowenu usesikhungweni sabagula ngengqondo. Thatha leloduku onalo esandleni sakho, ngenkathi uMoya usephezu kwakho, ulithumele kuye. Ulibeke phezu kwakhe, ungangabazi, uzophuma esikhungweni futhi asinde. Uyakukholwa na? UNkulunkulu akubusise.

244 Wena usho ukuthi, "Uthe, 'LeyoNgelosi, ngosuku lokugcina lapho, YaYifulathele.' Awu, uyabuka."

245 Angizukumbuka lona wesifazane. Ngiyafulathela. Manje, nenekazi, leli eliyisiguli, uyangizwa, thana "yebo." [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, uma ngibuka ngapha, uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Kunjalo na? Usuyakholwa-ke ukuthi kungokokugcwalisa lokho okwashiwo nguJesu, "Kuyokwenziwa ngezinsuku zokugcina, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma"? Uzokukholwa na? Unokungahambi kahle kokwamanenekazi, inkathazo yabesifazane. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke manje, kuzosuka futhi usungaya ekhaya futhi usinde. UNkulunkulu akubusise.

"Uma ukholwa!"

246 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa leyonkathazo yenhliziyo na? Awu, qhubeka nje uhamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi!" Kholwa!

247 Uvuka ekuseni, kul'khuni ukuba unyakaze. Isifo samathambo siyinto embi, kodwa uJesu Kristu ungumPhilisi wesifo samathambo. Uyakukholwa lokho na? Wehla esivimbelweni, uhamba lukeke, uya ezansi. Ngikubona wenza lokho. Ungeke usadingeka ukuba ube usenza lokho, uma uzokholwa. Uyakholwa ukuthi ngathunyelwa lenhloso na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungasuka kuye. Amen.

248 Unenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokudedela uye ekhaya, udle ukudla kwakho kwakusihlwa, uzizwe ukahle ngakho na? Qhubeka ngendlela yakho, udle ukudla kwakho kwakusihlwa, kholwa futhi uzozizwa ukahle.

249 Unokuphelelwa amandla kuza phezu kwakho, kunjalo, ngoba inhliziyo yakho ikabi. Kunjalo. Awusenakho manje. Hamba, ukukholwe.

250 Ukuba-ke bengingashongo-zwi elilodwa kuwe, futhi ngavele nje ngabeka izandla phezu kwakho, ubuzongikholwa, futhi, ukuthi ubuzosinda na? Woza lapha.

251 Baba waseZulwini othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa owesifazane futhi umsindise, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

252 Bangaki abantu lapha abakholwayo, nibangaki nina eniyizifiki, nonke nina bantu na?

253 Cabangani nje, futhi kul'khuni ukuthi ngibone abantu beza manje. Khumbulani nje, umbono owodwa wenza ukuba iNkosi uJesu aphele amandla. Bangaki okwaziyo lokho na? Owesifazane oyedwa waMthinta. UDanyeli wabona umbono futhi wakhathazeka emqondweni wakhe, ikhanda lakhe, izinsuku eziningana. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Kulungile.

254 Manje bangaki abenu bantu enikukholwayo lokho, ukuthi lona nguMoya oNgcwele na? Niyakukholwa ngayo yonke yenu . . . Hhayi mina, manje. UMoya oNgcwele! Manje nansi indoda ihlezi lapha ekukholwayo lokho, nayo.

255 Manje abanye, manje abanye futhi benu bantu onalawomakhadi omkhuleko, ngifuna wonk'umuntu ozoba kulomugqa womkhuleko, yima ngezinyawo zakho, umzuzwana nje.

256 Bukani, ngifuna ukunibuza umbuzo onzima. Senizivume zonke izono zenu esilapho na? Niyakholwa na? Senivumile, futhi ni—niyakholwa ukuthi nizophiliswa na? Senizivume zonke izono zenu futhi nakulungisa konke okungalungile na? Phakamisani izandla zenu, uma senikwenzile, phambi kukaNkulunkulu, niyakukholwa lokho.

257 Futhi manje izandla zenu ziphakeme, futhi, niyakholwa ukuthi kuthatha uMoya oNgcwele, nalona nguMoya oNgcwele oziqinisa Yena nje phakathi kwenu na? Niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhla.] Niyakholwa na? Khona-ke nonke ningaphiliswa.

258 Manje ninakho ukukholwa nethemba kulababefundisi abahlezi lapha na? Niyawakholwa lawomadoda, nawo na? Kunjani ngokuthi sinikhulekele, ngamunye, bese-ke sinidedela nize ngapha bese sibeka izandla phezu kwenu.

259 Lokhu kungiqeda amandla kakhulu. Lokho kuqhubeka nje kanjalo, nje ku—nje kuyangithola.

260 Futhi ngi—ngiya eNingizimu Afrika emva kwalokhu. Ngokuba, o, he, niyazi ukuthi kunjani ezansi lapho lapho ongakwazi ngisho nokukhuluma kubantu. Futhi lapho kuba ne . . . Sibheke okungenani izinkulungwane ezingamamakhulu amathathu, umhlangano owodwa vo.

261 Ngakho kholwani nje! Nilapha eMelika, niKubonile kuphuma kungena.

262 Nkulunkulu othandekayo, lababantu bayadinga. Futhi angazi lutho olunye Obungalwenza, Baba, ukufakazisa kubo ngeZwi laKho, ukuthi UnguNkulunkulu ongaguquki. Ngikholwa ukuthi sibone izinto eziningi kakhulu ezinkulu, Nkosi, futhi sadla etafuleni laKho, nesibiliboco esinjalo, uKudla

kokuPhila okuPhakade okumangalisayo, sesize saba . . . futhi sizejwayeze Khona kakhulu. Ku—kuba yinto ejwayelekile. Asi, asisondeli Kukho kahle, Nkosi, uma sibona. Ngisho ngicabanga ngami uqobo ngimi lapha, bengifanele ngibe semadolweni ami, ngazi ukuthi khona lapha ukuthi lowoMoya owaMvusa kwabafile umi khona lapha. UMoya owawukuYe ngenkathi Esaphila lapha emhlabeni, ukhona lapha manje. Futhi thina, zoni-ndini ezingafanele, ngomusa waKhe nesihawu, Wathenga izimpilo zethu. Futhi nakhu silapha, namhlanje, siqhuba umsebenzi waKhe, njengoba Athi siyoqhuba umsebenzi waKhe. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Ethembisa lezizinto futhi ezifakazisa, lapha kulelizwe! Nkosi, ngiKubonga kakhulu, ukuba ngibalwe ngibe yingxenye yabantu baKho, ngalolusuku lokugcina.

263 Nkulunkulu othandekayo, lababantu bamile. Bayagula, Baba. Anginandlela yokubaphilisa. Futhi kanjalo naWe awunayo manje, Usuvele ubaphilisile. Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKho siphilisiwe thina. Ngakho, Baba, ngikhulekela ukuthi ngamunye wabo edlula lapha, nxa sizobakhulekela, ukuthi bazoza sengathi manje bebehamba phansi kwesiphambano. Ngokuba bayazi, ngaleya kwethunzi lokungabaza, uMoya oNgcwele oqinisekisiweyo ulapha emsamo. UKristu kaNkulunkulu usemhlanganweni ngqo. Thethelela zonke izono. Susa konke ukungakholwa. Futhi kwangathi ngamunye wabo angaphiliswa lapho bedlula kulomugqa. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

264 [Umfowethu uthi, "Mfowethu Branham, uma singahlalisa wonke umuntu, bese sithatha isigaba esisodwa ngesikhathi, ngaleyondlela-ke bangeke baminyane."—Umhl.] Ya. Kulungile.

265 Manje ngifuna ukubuza into ethize. Nizokwenza, bazalwane bami, nime lapha nami na?

266 Niyabo, nansi into eyodwa ngakho. Abavangeli abaningi ungena edolobheni, futhi benza konke ukukhulekela abagulayo, nakho konke okunye kwakho. Futhi uma ibandla, uma selihambile, a—a—abantu wakhelwa ngakumvangeli, niyabo. Lokho akunjalo, bantu. Lamadoda, ngiyangabaza ukuthi noma ubani kulonyaka . . . Ngiyakwazi, kunenqwaba yokuzifanisa nomuny'umuntu, kodwa angizukukusho ebengizokusho. Kodwa lamadoda angahle angakwenzi lokho, lokho kuqinisile, futhi ngikungabaza kakhulu impela.

267 Kodwa agcotshwe nje nguNkulunkulu, ukubeka izandla phezu kwabagulayo, njengami kumbe noma ubani omunye. UNkulunkulu uwuphendula kakhulu nje umkhuleko wabo, njengoba Ubengaphendula kunoma yimuphi umkhuleko okhona. UJesu uthumile, "Lezizibonakaliso," akashongo ukuthi ziyolandela uWilliam Branham, uOral Roberts, kanjalonjalo, "siyolandela abakholwayo." Nalamadoda agcwaliswe ngoMoya

kaNkulunkulu. Angabantu ababhaphathiziwe, ngoMoya oNgcwele ofanayo. LowoMoya ubulapha wenza lowomsebenzi nje emizuzwaneni embalwa edlule, Usekhona lapha. Uphezu kwaleyo naleyo yalamadoda, niyabo, futhi onke agcwaliswe ngaYe. Ngakho ngizowacela ukuba enze umugqa oyidabuli ngapha, emacaleni aloluhlu lapha, uma ethanda, ukuze akwazi ukubeka izandla zawo phezu kwabagulayo, nawo, lapho bedlula.

268 Futhi afuna labo abanamakhadi omkhuleko ukuba bame, amakhadi omkhuleko kuphela, ukuba bame ngaphandle kwesikhala sezihlalo. Futhi nonke nina abanye nikhuleke, nje imizuzu embalwa manje. Manini, esigabeni ngasinye, yima nje khona ngaphandle ngakwesokunxele sesigaba sakho. Yima ngaphandle, esigabeni sakho, bazobe-ke nje sebekubiza. Nxa ubona lomugqa enhla lapha uphela, makuthi *lo*mugqa uhambe ungene kuwo ngqo. Nxa *lo*mugqa uphela, makuthi *lona* uhambe ungene kuwo.

269 Futhi uma wedlula manje, khumbula, uzobe uhamba nje ngaphandle uma ukholwa. Bangaki kini enaziyo, uyezwa nje enhliziyweni yakho, ukuthi ukhuleke waqeda ngalokhu, futhi uzophiliswa masinya nje uma wedlula kulomugqa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela, Kristu, khona manje, ngoba nje Wathuma lezizinto."

270 Manje nginikhulekela nonke. Sizokhuleka. Ngizocela uDadewethu Rose kumbe noma ubani oku ogani laphaya, Dadewethu Rose, ngicela udlale elithi, *INyanga eNkulu Manje Iseduze*, wenzele thina. Bese kuthi abantu, bonke abany'abantu, babe semkhulekweni. Futhi lapho bedlula kulomugqa womkhuleko, ngikholwa ukuthi wonk'umuntu uzophiliswa. UNkulunkulu anibusise. Nonke nina abanye manje yiba ulokhu ukhothamise ikhanda lakho, futhi ukhulekela abanye.

271 Yiba qotho ngempela. Niyabo, wamthola kanjalo uMoya oNgcwele lowomshumayeli omncane wamaBaptisti, ngobunye ubusuku. Wayecabanga ngakho, nje ehlezi lapho, eqotho ngempela, futhi Wehlela phezu kwalo lonke iqembu labo. Ufanele ube qotho kuNkulunkulu.

272 Mane Usefakazisile ukuthi Ulapha nani. Ulapha. Manje uma noma ubani enitshela ukuthi lesi nje isigejane sokuxhuxhuma, senazi kangcono manje, anazi, nina zifiki na? Uziqinisekisa Yena uqobo, nguYe. Futhi akekho omunye obengenza lokho. Lokhu bekungakenziwa selokhu kwaba yizinsuku zabaphostoli. Kubuyela manje nje ebandleni, njengoba kwethenjiswa. INkosi inibusise manje.

273 Manje, nina bantu, njengoba nedlula lomugqa, wozani, nikhuleka. Wonk'umuntu manje, "I—iNyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo." Manje uma niza, wozani namakhanda

enu ekhotheme, ngenhlonipho yokuzithoba. Nedlule. Lamadoda abeka izandla phezu kwenu, nizophiliswa. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .-ndi nothi eserafini . . .

. . .?. . . Lokho kulungile. Kusasa ebusuku . . .?. . .

274 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .?. . . into. Kodwa, nje into elula yokulalela uNkulunkulu athi akwenziwe. Ngikubonile kwenzeka izikhathi eziningi kakhulu. Niyabo, umBhalo awuzange ngisho usiyale ukuba sikhulekele abantu, Wavele wathi nje, "Nibeke izandla phezu kwabagulayo, bayosinda."

275 Maduzane nje, o, ku . . . Angisho ukuthi maduzane. Udaba belusemqondweni wami manje. Sekube cishe yiminyaka emithathu noma emine edlule, noma ngaphezulu. Sasikhona lapha eCalifornia. Abesifazane ababili bedlula lapho, omunye wabo wayene—ne—neqhubu ebusweni bakhe, nomunye wayenenkathazo yesisu. Futhi bakukholwa kanjalo nje. Ngabeka izandla phezu kwabo, ngase ngithi, "Manje, ngenza lokhu ngeGama leNkosi uJesu."

276 Kwakucishe impela kube yinyanga kamuva. Lelonenekazi lalizama ukudla, naleyonkathazo yesisu, alikwazanga nje ukukwenza. Ngokunye ukusa, "ukuzizwa uphole ngempela kwaya ngaphezulu" lona, lasho, futhi laya kokudla. Lase lehla ligijima liyotshela umakhelwane walo, nomakhelwane walo wayethintitha amashidi, *kanjalo,* ezama ukuthola iqhubu elase lisukile ebusweni balo ngalobo busuku.

277 Niyabo, kholwani nje, bangani. Uma Emenzela lokho oyedwa, Uzobenzela khona bonke. Futhi kuyinto elula nje yokubekwa kwezandla. Futhi yilokho Athi akwenziwe. Asazi ukuthi kusebenza kanjani. Angazi ukuthi kusebenza kanjani. Yisithembiso saKhe nje. Wathi kuyokwenza. Futhi ngithole amashumi ezinkulungwane, emhlabeni jikelele, bayasinda nje. UNkulunkulu wethembisa ukukwenza, futhi yisithembiso saKhe. Niyabo, siyakukholwa nje lokho.

278 Manje, sonke siza ngapha. Nani eningakwazanga ukusukuma, yanini enhla ngqo nisondele, futhi siza ngapho ukuzonikhulekela. Manje ngifuna ngamunye wenu madoda ukuba niyele khona ngapha, nibeka izandla zenu phakathi lapha, uma nithanda, khona ngokuyela ngapho. Futhi ngifuna ukuma lapha bese ngikhuleka, bese-ke ngiza ngibeke izandla zami phezu kwabo, nami. Kulungile, ngenani khona lapha. Nonke yanini enhla ngqo nisondele, ukuze wonk'umuntu afinyelele manje.

279 Nkulunkulu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu, sikhulekela lababantu, abanye babo bahluphekile, bakhubazekile. Lapho lezozandla zalabobefundisi, Nkosi, ziya emuva naphambili zisuka komunye ziya komunye. Ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa ngamunye wabo, Nkosi. UMoya oNgcwele

makehlele phezu kwalabobantu, ngamunye wabo, Baba. Futhi kwangathi Amandla amakhulu kaNkulunkulu angabasibekela njengamanje, futhi kwangathi bangaya ekhaya futhi basindiswe. Ngokwazi lokhu, ukuthi uJesu wathi, "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Wakwethembisa, Nkulunkulu Othandekayo. Siyakukholwa. Siyakukholwa, ngoba Wena washo njalo futhi siyazi ukuthi kunjalo, ngakho lababantu bazosinda. EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngibabusisa bonke. Amen.

280 UNkulunkulu anibusise. [UMfowethu Branham nabefundisi babeka izandla phezu kwabagulayo futhi bakhulekela abantu. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

281 Inhliziyo yami yemukela ukuphiliswa kwenu nonke. Ngiyakukholwa lokho. Ningakukholwa kanye nami, ngamunye wenu manje na? Yilokho kuphela. Nginitshele iqiniso, nje ngokulazi kwami. Ngiyanithanda, futhi uNkulunkulu anibusise. Futhi ngi—ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, nizosinda. Futhi kwangathi izibusiso zami zingaba nalowo nalowo wenu manje. Kwangathi uNkulunkulu anganilinda futhi anivikele. Nisemikhulekweni yami. Nizongikhulekela ngiseseAfrika kanjalo na? Ngi—ngiyanithanda. Futhi ngizonibona kusasa ebusuku.

